# *Isineke*

Ngiyabonga, Mfowethu, ngiyabonga. Ngiyabonga, Mfowethu Joseph.

Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje, okwe. . .

2 Baba wethu waseZulwini, siyajabula, namuhla, ukuba siphile futhi sibe lapha, nethuba, kanye futhi, lokushumayela iVangeli, izingcebo zikaJesu Kristu ezingaphenyekiyo. Futhi siyakhuleka ukuthi, njengoba siMethula kubantu, namuhla, esimweni seZwi elilotshiwe, sengathi uMoya oNgcwele angaphilisa iZwi kithi sonke, ukuze sizilungiselele ukuFika kwaKhe. Sikucela, eGameni laKhe. Amen.

3 Ningahlala phansi. Kukhona nje okuthize okukhethekile ngeChicago, futhi ngasosonke isikhathi lapho ngiza eChicago kuvele kubonakale kukuhle kimi. Kusukela ngiqala ngqa ukuba lapha ukuzokhonzisa, mina njalo, kubonakala sengathi kunokuthile okukhethekile okungidonsela eChicago. Futhi ngiza kakhulu, ngize ngicabange ukuthi niyakhathala ukungibuka, kodwa niyidolobha elikhulu kakhulu, futhi abaningi kakhulu lapha, cishe abantu abayizigidi ezinhlanu, ngiyacabanga, noma okuthize okusondele kulokho, ukuthi mhlawumbe ngingathanda ukufika ngakubo bonke ukuze ngibone ukuthi bonke banjengalaba abeza emhlanganweni, uma benjalo, yindawo emangalisayo ukuba kuyo, ngokuba ubukhona benu njalo budala isimo sendawo esihle kangaka sokukholwa kobuKristu nenhlanganyelo, kuhlala kuyinhlanhla ukuba lapha.

4 Ukufika kwethu kokuqala kwakungokwesimemo soMfowethu omncane uJoseph Boze. Futhi manje, njengoba iChristian Business Men inomkhandlu wezikhulu omangalisayo lapha, futhi—futhi, ngimenywe izikhathi eziningi yiwo, nangaleliqembu elihle labefundisi labantu beVangeli eligcwele kuyo yonke iChicago. Ngakho-ke yi, ngikuthatha njengenhlanhla uku—ukuba lapha namuhla, nokubona uMfowethu Sonmore. Futhi sihlangane nabo izolo kusihlwa ngemva kwe—kwezinkonzo, futhi sababuza ukuthi bebezokwehla yini, futhi bebengaqinisekanga kakhulu, kodwa ngiyabona uMoya oNgcwele ufanele ukuthi ubaholele lapha noma kanjani.

5 Sibongile. . .Izolo ebusuku ngenkathi sikhuluma, indodana yami nami besihlezi ndawonye sine, bengingadlanga izolo, futhi ngakho benginesemishi elincane izolo ebusuku, besikhuluma ukuthi uMfowethu noDadewethu Sonmore babengabantu abakhulu kanjani, nokuthi kungani sikuthatha njengenhlanhla

ukuba nenhlanganyelo nokubazi. Futhi nangu ezansi lapha eChicago enathi namhlanje. INkosi ikubusise.

6 Ngicabanga ukuthi isithandwa sakho sizile naso. Ngiyazi ukuthi uzizwa kanjalo ngaye, useyisithandwa sakho. Futhi yileyondlela thina, ngiyazi thina, sonke thina maKristu sizizwa ngaleyondlela ngomkethu ukuthi baseyizithandwa zethu. Ngethemba ukuthi akushintshi neze emndenini wami, futhi akushintshi neze emndenini wakho, ukuthi singahlala sizizwa kanjalo ngomkethu, emva kwakho konke, bama ngapha nangapha nathi ukuze basisize ekulweni lezizimpi, futhi siyabadinga. Nakuba ngisho izinto eziningi ezibashulayo kubo, kodwa kwakungesiyo indlela yokubenza bazizwe kabi, kwakuyindlela yokubagcina behambisana neVangeli.

7 Futhi niyabo, lelo yithuluzi likaSathane, lapho esebenza khona kanzima kunakho konke, lelo kwakuyithuluzi lakhe lokuqala, akakaze aguquke. Uhlala khona lapho uku. . .futhi yena u. . .Sifanele nje sikhulekele odadewethu njalonjalo, kusobala, bayasikhulekela, futhi, futhi ndawonye, ngobunye obubodwa, siyamasha siyaphambili njengebutho elingehlulwa, neNduna yethu eNkulu, uKristu Jesu, neZwi laKhe lihamba phambi kwethu, lisenzela indlela.

8 Manje, nokuba lapha noMfowethu Carlson, o, Angikwazanga nje ukukhuluma amazwi okuthi ngimthakasela kanjani uMfowethu Carlson. Izikhathi eziningi lapho ngiye khona, ungibone ngifika endaweni lapho engangishaywe khona ngawa phansi futhi uma nami, futhi—futhi usa—uyafakazisa ukuthi ungumfowethu wangempela. Ngiyamthakasela uMfowethu Carlson. Ngiyanithakasela nonke, iNkosi inibusise kahle.

9 Manje, ngiyazi nizoba nenkonzo ebandleni lenu emva kwesikhashana. Futhi ngiyabathakasela abelusi benu, abanomoya omuhle uku—ukusho ukuthi kuzoba nenkonzo lapha, futhi ngibona ababili babo behlezi emsamo, mhlasimbe, ngiyacabanga, bese-ke abaningi babo phandle emhlanganweni, phandle lapha ebandleni; siyabonga kakhulu.

10 Ngifuna nikhumbule ukuthi kusasa ebusuku yilombuthano wezithunywa zenkolo, njengoba ngiwubiza kanjalo, kaMfowethu uJoseph, futhi sizoba khona lapha. Ngicabanga ukuthi sebevele bakumemezele, izindawo nokunye nokunye.

11 Futhi ngiyabonga ngemikhuleko yenu yezinsuku ezimbalwa ezedlule, lapho ngifika cishe impela ekubeni ngingaphinde ngibe nani lapha emhlabeni, ngenkathi isibhamu siqhumela esandleni sami, ezansi lapho kudutshulelwa khona. Othile wayenginike isibhamu okwakungesona, kwakube yisibhamu esiphinde sabholwa, futhi kwakungelona uhlobo lwegobolondo lolo, elangempela, okwakufanele kudutshulwe kulo, imboni kuphela eyathi kwakuphephe ngokuphelele, uma sasibholwe

kahle, kwakuyoba njalo, kodwa kwakukhona indawo engenalutho, eyenza igobolondo laqhuma labuyela ebusweni bami esikhundleni sokuphuma embhobhweni. Futhi cishe amathani ayisithupha omfutho angishaya ebusweni ngqo, futhi, okwabuthukisa isibhamu, futhi kwaqhumisa umbhobho ebangeni elingamayadi angamashumi amahlanu, nebhawodi laya nganhlanye, nesibhamu sancibilika esandleni sami. Futhi nakhu ngimi kulentambama ngisaphila, makabongwe uNkulunkulu, a-hha.

12 Babefuna ukuhlola amehlo ami ukuze babone... Kwakunezingcwezu eziningi kakhulu ebusweni bami, kwakubukeka sengathi uthathe ucezu lwehembhega, olungagcwala isandla sakho, futhi kwavele kwabekwa ebusweni bami, futhi kukhona ibala elilodwa kuphela elincane, noma amabili, khona *lapho* ezinhlonzeni, owawungalibona, elisele. Ezinsukwini ezimbalwa nje, kwase kuphelele, cishe izinsuku ezintathu konke kwase kusuliwe.

13 Kunodokotela ogogodele isifo, bangigigjimisile ukuze angibuke futhi abone ukuthi akukho yini okwakho okwangena esweni lami. Futhi wanikina ikhanda, futhi wabhala waphendula, wathi, "Into kuphela engiyaziyo, ukuthi iNkosi enhle yaseZulwini kufanele ukuthi ibihlezi lapho nenceku yaYo, ngoba umuntu owatholayo, owamtholayo wayengafanele athole lutho ngaphandle kwesingezansi somzimba wakhe, noma yini engaqhumisa isibhamu ngalowomfutho," iyintshi elilodwa ukusuka esweni lami, "bekuyofanele kuqhumise ikhanda namahlombe kokubili kusuke." Ngakho, niyabo, uNkulunkulu usemuhle, futhi Yena...

14 USathane uzama ukusibulala, kodwa angeke asithathe aze Athi, "Sekulungele." Kunjalo. Kunjalo. Angeke nje asithathe, futhi ngakho siyabonga ngalokho.

15 Futhi ngiyabo-...kuNkulunkulu ukuthi Unginika ithuba lokuthi ngiqhubeke ngibe lapha emhlabeni ukuletha uMlayezo ofanayo kubantu baKhe engikwenzile: "Umusa omangalisayo! Umsindo omnandi kangaka!" Ngelinye ilanga ngibheke ukuchitha iPhakade nani.

16 Futhi amaningi amaqembu lapho bezwa ngakho, asizange sisho lutho, savele sathi ukuthula nje, kodwa ucingo lukhala, abantu befona, amaqembu omkhuleko ebuthene yonke indawo, enza amaqembu, futhi ethi, "Awu, asazi noma Uzosizwa noma qha, kodwa siyakhuleka impela." Yilolohlobo Aluzwayo, kunjalo, lawomaqembu amancane athobekile, futhi ngiyabonga kini.

17 Futhi izolo kusihlwa, ngaphambi kokuba sishiye izinkundla zengqungquthela, UMfowethu Carlson waba neqembu lonke ukuba lime, wathi, futhi liyangikhulekela ukuba, ukuba

uNkulunkulu angisize. Futhi lokho kuvele kungenzele okuhle kakhulu, ngoba ngincike kuleyomikhuleko.

18 Futhi mina ngazi, nokho, ukuthi ngelinye ilanga, uma uJesu elibala, ngi—ngizo, ngizofanele ngihambe. Bese kuthike ngifuna uku, "kwehlukana, ukushiya emva kwami imilobo yezinyawo," ngeVangeli, iVangeli, amandla kaNkulunkulu ngeZwi laKhe. Ngifuna ukuhlwanyela iziMbewu, ukuthi lapho i—iMvula ina, uMoya oNgcwele, Ozomilisa, ekuPhileni, uhlobo lweMbewu engiyihlwanyelile: IMbewu yeBhayibheli ezoletha iBandla leBhayibheli, ezoletha umKristu okholwa iBhayibheli ozokholwa, ilethe uMoya oNgcwele weBhayibheli ungene ekusebenzeni, ngoba iZwi lalotshwa nguMoya oNgcwele.

19 Futhi lapho Efika, Ucosha iZwi laKhe uQobo, futhi ngiyathanda nje ukuhlala naLelo. Angenza izinto ezingalotshwanga phakathi *Lapha*, kodwa ngithemba nje ukuthi ngingaphila isikhathi eside ngokwanele ukuMbona enza konke aKuthembisile *Lapha*, lokho kuzongilungela nje.

20 Manje, kuhle kakhulu ukuba lapha, futhi ngibheke ngabomvu okwakusasa ebusuku. Ngingathanda ukubizela ukunaka kwenu endikimbeni encane lapha engingathanda ukuyisebenzisa cishe imizuzu engamashumi amathathu noma amashumi amane, iNkosi ithanda.

21 Futhi uMfowethu ushilo ukuthi, o, umemezele ukukhulekelwa kwabagulayo, futhi ngikhohliwe ukubatshela ukuba bakhiphe amakhadi omkhuleko, futhi, kodwa uNkulunkulu ngempela uzosenzela indlela, ngandlela thize. Sizogcina umugqa uqondile noma *enye into ethize*, size sibathole bekhulekelwe. Kulungile. Ngakho thina, ngiyaxolisa, kodwa thina nje—nje asicabanganga.

22 Manje, asiphenye eVangelini likaMarku oNgcwele, uma nithanda. NginemiBhalo embalwa ebhalwe lapha, futhi uma ningathanda, tholani ipensela lenu, ningathanda ukuyimaka njengoba ngibhekisela kuyo kulentambama, siyojabula kakhulu. UMarku oNgcwele, sifuna ukuqala ngevesi 7, noma, isahluko 7, futhi siqale ngevesi 24, uMarku oNgcwele 7:24.

23 Iso lami langakwesokudla, lapho izingcezu eziyishumi nanhlanu zezingcwezu zangena ngaphansi nje kweso lami. . . Futhi lezozingcwezu zazinamandla kakhulu zaze zadabula amagxolo ezihlahleni, cishe amayadi angamashumi amathathu ukusuka kimi, futhi izingcwezu ezicolisekile zaqhuma esweni lami. Futhi udokotela wathi, "Angikaze ngibone noma yini . . ."

24 Ucwezu olukhulu lwabhajwa ogebhezini lwekhanda lami nangasemhlathini wami *kanjalo*, lwazungeza iso lami, ucezu olulodwa lwandizela *lapha*, futhi lwaqhephula ichopho la*lelo*zinyo. Futhi izingcezu eziyishumi nanhlanu zahamba ngaphansi nje kokubona futhi zenza isiyingi senyanga ewucwezu ngaphansi kokubona, azizange zikuthinte ukubona, futhi

zabuyela emuva zathi ngqu esweni, zashutheka. Ucezu olulodwa lwaluyolishaya, *leli*so ngabe alisekho. Futhi kungukuthi, umdwebo weso ulenza libe buthakathaka kancane, kodwa kuzolunga, kuzoba kahle kakhulu emva kwesikhashana, ngidumisa iNkosi ngakho.

25 Ngisho nomelaphi qobo lwakhe wathi, "Angikuqondi, kodwa," wathi, "lapho lokho kuthola . . ." Niyabo, lokho kusanda kwenzeka esikhathini esingaphezudlwana kwamaviki amabili edlule, ngakho kusebuthakathaka kancane, kodwa wathi kuzolunga, futhi ngineqiniso ukuthi lokho ngukugunyaza kweNkosi, kuzolunga.

26 Manje, asiqale ngeyesitha- . . . ivesi lama 24 lesahluko 7:

> *Wayesemuka lapho, waya emikhawulweni yaseTire . . . Sidoni, wangena endlini, . . . kodwa wayengenakufihlakala.*
>
> *Kwathi masinyane owesifazane, ondodakazi yakhe encane inomoya ongcolileyo, esezwile ngaye, weza waziphonsa ngasezinyaweni zakhe:*
>
> Futhi *owesifazane wayengumGreki, engumSirofenike ngokuzalwa; wamnxusa ukuba* eze *akhiphe idemoni endodakazini yakhe.*
>
> *Kepha uJesu wathi kuye, Ake kusuthe abantwana kuqala: ngokuba akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.*
>
> *Kepha waphendula wathi kuye, Yebo, Nkosi: kepha nezinjana zidla imvuthuluka . . . abantwana phansi kwetafula.*
>
> *Wayesethi kuye, Ngenxa yalelozwi hamba-ke; idemoni seliphumile endodakazini yakho.*
>
> *Wayesemuka waya endlini yakhe, wafumana idemoni seliphumile, indodakazi yakhe ilele embhedeni.*

27 Uma ngingafuna ukwetha lokho okwendikimba, bengingayibiza ngokuthi: *Isineke*. Futhi sengathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

28 *Isineke*, ngokwesichazamazwi sikaWebster, bengi—bengibuka nje, kuchaza "ukuphikelela, uku . . . ekwenzeni umgomo." Ufanele uqiniseke ngokugcwele futhi uphikelele, khona-ke unesineke. Futhi—futhi mina, kuyi—kuyigama elihle, ngiyalithanda, ngi—ngilithanda kakhulu lelogama elihle, *ukuba nesineke*. Futhi ngicabanga ukuthi leso yisimo sokuthi wonke amaKristu afanele abe kuso ngazozonke izikhathi, abe nesineke.

29 Futhi abantu kuyo yonke iminyaka, abanokukholwa kulokho abazama ukukuzuza, bebehlala benesineke. Kwehle kuwo wonke umlando wesikhathi, abantu abake benza noma yini, bekungabantu abazama ukuzuza okuthize, futhi bafanele

babe nokukholwa kulokho abazama ukukuzuza, futhi lapho bekwenza, khona-ke banesineke.

30 Bengicabanga emizuzwini embalwa edlule, ngihlezi egumbini lasehhotela labahamba ngezimoto futhi ngithi, "Nkosi, ngizofanele ngithini, kulentambama, kubantwana baKho na? ngokuba ngizobamba ukuthengwa kweGazi laKho imizuzu engamashumi amane nanhlanu, noma ihora, mhlawumbe, kulentambama, abaKhethiweyo, abantwana bakaNkulunkulu kulokhu, abagogobele lapha kulelidolobha elikhulu, nasezindaweni zalo ezizungezile, abahambi nezihambi kulomhlaba, akukho ndawo lapha abebengayibiza ngempela 'ngekhaya.' Kodwa iKhaya labo lingale, futhi bangabahambi. Futhi angeke nje ngingene kalula ukuze ngisho okuthile kulababantu o—okungahle kubacasule. Futhi ngifanele ngisho okuthile okuzobasiza."

31 Angizi ebandleni ukuba nje ngibonwe noma ngizwiwe, ngi—ngiyeza ukuzozama ukusiza labobantu, ngizame ukubenzela okuthize, ukuze bashiye ibandla, bengasho ukuthi, "Awu, ngihlale lapho, kulentambama, ngeze, angifundanga lutho. A—angizange ngibe nokuvakashelwa nguMoya." Ngakho-ke, ngithanda ukuhlala eZwini, ngoba u—uMoya uhamba neZwi, futhi ngifunde iZwi laKhe, futhi ngikhulume ngeZwi laKhe.

32 Khona-ke ngifanele ngicabange nge*sineke*, futhi ngicabangile, "Yebo, abantu abaningi banesineke." Ngaphambi kokuthi ube nesineke, ufanele ube nokukholwa kulokho ozama ukukuzuza. Ufa—ufanele kuqala ube nokukholwa ngaphambi kokuba ube nesineke, ngakho ukukholwa nesineke kuyasebenzisana ndawonye, kuyizelamani. Ufanele ukholwe, kungenjalo angeke ube, awunakho ukuzethemba, wena—wena angeke—angeke wazi ukuthi ulungile noma awulungile, kodwa lapho usufinyelele kuleyondawo onokukholwa kulokho ozama ukukwenza, khona-ke ungaba nesineke.

33 Ngangicabanga, ekuqaleni komlando wesizwe sakithi, lapho idlanzana lamasosha ngosuku olubandayo lwasebusika, namathuba onke ephikisana nawo, lawo kwakungamasosha aseMelika (Lapho ngifunda umlando wesizwe sakithi, kungenza ngikhale enhliziyweni yami.) kodwa umholi wawo wayengumKristu, iDelaware yayiyiqhwa, izihosha zika-ayisi kuyo, futhi ngiyaqonda ukuthi cishe ingxenye yamasosha aseMelika ayengafake ngisho izicathulo ezinyaweni zawo, nezinto ezisongelwe ezinyaweni zawo, lawo kwakungamasosha aseMelika, futhi isithiyo sasisikhulu, amathuba ayephikisana nawo, kodwa nokho, ngemva komkhuleko wobusuku bonke, waze waba manzi-te kwaze kwaba sezinqulwini zakhe eqhweni lapho ayeguqe khona futhi wakhuleka, umholi wawo omkhulu uba nesineke, ngokuba wayenesiqiniseko esivela kuNkulunkulu sokuthi wayengayiwela leyoDelaware noma kanjani.

34 Wayenesineke, nakuba izimbobo zizinhlamvu ezintathu zafakwa ezimpahleni zakhe, wayezwile kuNkulunkulu, futhi akunandaba ukuthi amathuba laliyini, wayesalokhu, wayengaba nesineke ngoba wezwa kuNkulunkulu futhi wakholwa ukuthi uNkulunkulu owayemholela ekunqobeni ngalesisizwe esikhulu wayenaye, ngakho ngakho-ke iDelaware eyaba yiqhwa ngale yayingasho lutho kuye. Akunandaba ukuthi i-ayisi lalingakanani, noma ukuthi i—izithiyo sasiyini, noma kunjalo wayengaba nesineke, ngoba wayezwile ukuthi wayenoNkulunkulu eceleni kwakhe.

35 Kukhulu kanjani lokho, lapho singezwa kuNkulunkulu futhi sibe, siphumule ngokusiqinisekile ukuthi sisenhlanganyelweni yaKhe ngqo! Khona-ke akukho lutho olukhulu kakhulu, akukho lutho olukhulu ngokwanele okungavimba lowomuntu. Amadoda ake afika kunoma yini, nganoma yisiphi isikhathi, kunoma yimuphi unyaka, bekungamadoda akholelwa kuNkulunkulu futhi ayenokukholwa kuNkulunkulu, futhi amelana nesitha nhlangothi zonke, futhi ayenesineke ngoba ayekholelwa kuNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi wonke umKristu, ngakho-ke, ufanele abe nesineke kakhulu.

36 Ngicabanga emuva ekuqaleni, njengoba singacabanga ngomprofethi omkhulu uNowa. Waphuma emndenini kaSeti, ukulunga, owayesekuthobeni. Uma uke ulandelele izizukulwane zalokhu kuzalana, siyathola ukuthi—ukuthi abantwana bakaHamu, noma, hhayi uHamu, Ngiqonde abantwana bakaKayini, bonke baba ngabahlakaniphile, abafundile, ososayensi, abamabhizinisi abakhulu emhlabeni, kodwa abantwana bakaSeti babethobekile, izinceku zomhlaba, babengabelusi bezimvu, futhi babengabalimi, namadoda anesimilo esithobekile.

37 Futhi ake sicabange ngoNowa, umlimi nje ojwayelekile phandle emasimini namathuluzi akhe angahluziwe, ezama ukuphilisa abantwana bakhe. Futhi wayengesuye umdwebi wamapulani nangayiphi indlela, indoda elungile nje, izibusiso zikaNkulunkulu phezu kwakhe. Nsuku zonke lapho engena endlini, wayeqoqa umndeni wakhe lapho ezodla isidlo sakhe sasemini, futhi mhlawumbe bonke babeguqa phansi futhi bakhuleke kuNkulunkulu.

38 Ngolunye usuku lapho engaphandle lapho ensimini, mhlawumbe ephazamisekile kakhulu, umphefumulo wakhe wakhathazeka ngoba isono sasisikhulu emhlabeni, ngoba izono zabantu zazikhuphukele phambi kukaNkulunkulu ngendlela yokuthi kwaze kwaMdabukisa ukuthi Wake wadala umuntu.

39 Ngakho kufanele ukuthi kwakuyinto efana nesikhathi samanje: izakhiwo ezinkulu, ezinemibhoshongo phakeme, izinto ezinkulu. Niyazi, benza izinto emuva lapho kwisayensi esingeke sizenze namuhla, bakha izivivane nekhanda elikhulu lebhubesi

eliqoshwe ngetshe, nezinto ezininingi abazenza esingakwazi ukuphinda sizikhiqize namuhla. Babenodayi ngalolosuku, bengafaka umbala kunoma yini eyayihlala unomphela, kuze kube yilolusuku, ngemva kwezinkulungwane zeminyaka; asinakho. Babenobuciko bokugqumisa esingenabo namuhla. Ziningi izinto ezazithuthuke kakhulu kunathi namuhla. Yeka umhlaba ohlakaniphe kanje! Futhi khona-ke amabandla abo kufanele ukuthi ayemakhulu kunamabandla ethu namuhla.

40 Kodwa kukho konke, baba yisigejane senkohlakalo, ngokuba umhlaba wawumbozwe abantu ngokuphelele, banda phezu komhlaba, kwase kuthi-ke udlame lwangena. Nina bantu lapha eChicago ninesikhathi esinzima kakhulu sokuphila ukukholwa kwenu kobuKristu, kunokuba indoda iphumele enkangala, ndawana thize emathafeni asentshonalanga, lapho engaziboni khona izinto, nenkohlakalo, nodlame okufanele ilubheke usuku nosuku, ngakho-ke kuthatha umusa omkhulu namandla ukukuvikela ezintweni zezwe.

41 Inebandla elilodwa elincane elihlezi phandle ndawondawo, yona nomndeni wayo bashayela amamayela amaningi ukuya khona, ngeSonto ekuseni. Mhlasimpe ayiboni muntu omunye kuze kufike umgibeli wesifunda, lapho behlangana futhi. Lapha, nsuku zonke uhlangana nokungqubuzana kuzo zonke izandla, futhi udeveli uzama ukukuvumisa *ngapha* na*ngapho*. Kuyimpi mahora onke empilo yakho. [Umfowethu uthi, "Yebo, ngokuhle, nokho. Haleluya!"—Umhl.] (Ngoba sinokunqoba okukhulu, amen, uMqobi omkhulu.)

42 Manje, uNowa, ngolunye usuku, ngenkathi engaphandle emathafeni, mhlawumpe emba ngapho, elungisa isitshalo sakhe, uNkulunkulu wehla futhi uqala ukukhuluma kuye, futhi Wathi kuNowa, mhlawumbe into enjengale: "Ngiyayibona inhliziyo yakho, futhi Ngiyazi izono zalomhlaba zikuzwisa ubuhlungu, ngakho-ke . . . Bonke bangabantu abakhulu abaphucuzekile, futhi baqhelelene naMi ngokuphelele. Futhi bahlakaniphile, bafunde kakhulu, amadoda aphucuzekile, kodwa ngifuna wena, ekusindiseni abendlu yakho nalabo bonke abazongena, uwele futhi uqale ukulungisa umkhumbi omkhulu, ngoba Ngizothumela imvula futhi ngibhubhise umhlaba wonke."

43 Manje, kwakungakaze kube nemvula ngaphambilini, futhi ngakho isayense yayizothi kuye, "Ivelaphi imvula na?" kanjalonjalo. Kodwa emva kokuba uNowa esebambe iPhimbo likaNkulunkulu futhi ebone uhlelo lukaNkulunkulu . . . Kunento enkulu abaningi kakhulu abageja ukuyibona, uhlelo lukaNkulunkulu. Manje, akukho lutho oluphumayo emgqeni, kunjalo impela nje, ngesikhathi impela nje, Akekho ngemuva neze, ukuFika kweNkosi kuzophelela nje, iBandla lizobe lihlelekile impela nje lapho Efika. Ngiyakuthanda lokho.

44 Ngolunye usuku . . . KuMathewu 11:6 sifunda intshumayelo

encane, ngingahle ukuba ngayishumayela lapha ngesinye isikhathi, ngokuthi *Imibusiso Ekhohlwakele*, ngenkathi uJohane umBhaphathizi, esetilongweni, wathumela ngalo ukuyobona ukuthi uJesu wayeyiLowo ngempela yini. Futhi uJohane wayeyindoda enkulu, futhi wathumela kuJesu izincomo ezimbi kakhulu, kodwa uJesu wabatshela, "Hlalani nje," ngoba uJohane wayekhathazekile, inkonzo yakhe yayikade ithi, "Kuza Lowo Ombenge yaKhe isesandleni saKhe, Uzohlanzisisa izibuya zaKhe, Uyakuthatha ukolo awuyise enqolobaneni, futhi Uyoshisa amakhoba ngoMlilo ongacimekiyo." O, he, uMesiya onjena ozayo pho!

45 Kodwa ngenkathi Efika enkundleni, kwakuhlukile, encane, iNdoda ethobekile ongenakubambisana kunoma yimaphi amahlelo angalapho. Futhi bona . . . Ihlelo lalihlukile, futhi bona . . . Ukushumayela kwaKhe kwakuhlukile, futhi Wadudulwa esuka endaweni eya endaweni, futhi egijima *lapha* futhi egijima *lapho*, ngakho lokho kwabonakala kuthi ukuxaka, akakuqondanga. "Ngani? Ngani? Impela ngakushumayela, futhi babefanele bonke, bonke bakukholwa. Futhi lapha, lapho Efika, he, kubukeka sengathi ngehlisiwe."

46 UJesu akazange abatshele, "Manje, ngizoninika incwadi yokuthi niziphathe kanjani etilongweni, Ngifuna nina, niyinike uJohane." Wathi, "Hlalani nje ize iphele inkonzo, lindani nje ize iphele inkonzo yantambama." Futhi ngenkathi kukhona unyonga oluhambayo, impumputhe ibonile, izimangaliso ezinkulu zazenzeka, Wathi, "Hambani nikhombise uJohane lezizinto, nimtshele ukuthi Ngisesikhathini ngqo, akukho okungalungile. Ngikahle, impela, ngisesikhathini."

47 Futhi yileyondlela uNkulunkulu ayiyo namhlanje, Usesikhathini ncamashi. Konke ukuqophisana kwethu nokukhathazeka ngeke kwenze lutho, yiba nesineke nje neZwi likaNkulunkulu futhi uqhubeke, uNkulunkulu usesikhathini ngqo, phelela, ncamashi nje. Njengazozonke izinto, ilanga, inyanga, nakho konke okungokukaNkulunkulu, kufanele kusebenze ngesikhathi.

48 Manje, uNowa, emva kokuba esezwe lokhu, nakuba ayengesona isifundiswa, nakuba mhlawumpe ahlekwa, njengoba iBhayibheli lasho, babengabahleki bosulu, kwahlekiswa ngaye, wayekwazi konke okwakuphambi kwakhe ezweni elikhulu lesayense, wayeqinisekile ukuthi akekho owayezomkholwa neze, kodwa iminyaka eyikhulu namashumi amabili waba nesineke.

49 Njengoba akha umkhumbi, wabeka imithi yokwenza amapulangwe kuwo futhi wathela ikolitayi kuwo, wawumisa, abantu bahleka futhi bahlekisa ngaye, kodwa wema emnyango ngqo futhi washumayela izahlulelo zikaNkulunkulu ezizayo, akuzange kumvimbe nakancane. Ngani na? Wayenokukholwa

kulokho ayekuzwile, "Ngokuba ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu."

50 Ngakho akunandaba ukuthi kuqhubekani, inqobo nje uma usahlezi neZwi likaNkulunkulu, yiba nesineke, akunandaba ukuthi unasiphi isifo, nokuthi udokotela utheni. Indoda elungile, mhlawumbe yenza konke ekwaziyo, kodwa isezweni lesayense, sisezweni likamoya, lapho esivuswe khona kanye noKristu, ukuPhila okusha, sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni, siyisidalwa esisha kuKristu.

51 Ngakho uNowa wayenesineke kakhulu ngoMlayezo wakhe, wayengesabi. Akunandaba ukuthi noma yimuphi wabo wathini, kungenzeka ukuthi bambiza nganoma yini, lokho akuzange kukuvimbe nakancane, wayenokukholwa eZwini likaNkulunkulu Elashiwo kuye, waqhubeka ngqo nokwakha umkhumbi. Akunandaba ukuthi bebengafakazisa kanjani ngokwesayense ukuthi uMlayezo wakhe wawuyiphutha, ngokuphambene, uNkulunkulu uyakwazi ukuletha imvula ezibhakabhakeni, uma iZwi laKhe lasho njalo.

52 UNkulunkulu ubengayiphilisa kanjani indoda ebulawa umdlavuza, lapho udokotela eyidela, noma owesifazane na? Wayengasenza kanjani isishosha sihambe, kanjalonjalo na? Angakwenza kanjani, kuyilapho kungekho lutho emazingeni ezokwelapha olungakuthinta na? Lokho—lokho yi—lokho yi*lelo*zwe. Lelo ngelinye izwe, njengoba kwakunjalo ngesikhathi sikaNowa. Bahlekisa ngezwe uNowa ayephila kulo, kodwa uNowa waqhubeka ngqo noMlayezo wakhe. Akunandaba ukuthi babengakufakazisa kanjani ngo*kwesayense* ukuthi yayingekho lapho, kuNowa yayilapho, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

53 Kungaleyondlela ngekholwa leqiniso namuhla, akunandaba ukuthi basho kangakanani, "Lowo akuwona uMoya oNgcwele, yinjulamqondo. Kuwuhlobo oluthile lokukhohlisa, kungukufunda ingqondo," noma ngabe kuyini, lokho akubavimbi nakancane abantu bakaNkulunkulu. Bayazi ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso sokuthi lolusuku luzoba lapha, ngakho banesineke futhi bacindezela bayaqhubeka noMlayezo. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Niyabo?

54 Ukuba nesineke, Wayengabanjalo, ngoba wayazi ukuthi wayezozuzani. Futhi wayekwazi uNkulunkulu ayekwethembisile, futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu ukubeke esandleni sakhe. Futhi wayengadingeki ukuthi athathe u "qhabo" noma u "yebo," noma yini eshiwo omunye, wayengabhekile kulokho abakusho, wayebheke lokho uNkulunkulu akusho. Futhi ngakho, akunandaba ukuthi bonke bathini, mhlawumbe abezenkolo bangalolosuku ngempela abavumelananga naye, ngempela bakwenza, ngoba akekho

kubo owasindiswa, bonke babhubha, kodwa uNowa wayeneZwi leNkosi, futhi lona, kwenza noma yimuphi umehluko abakusho, waba nesineke.

55 Kungenzeka ukuthi bambiza, "ngohlanya, umgingqiki ongcwele," futhi amanye alawo magama abawanika amakholwa namuhla, lokho akuzange kumvimbe nakancane, ngoba waye—wayenendlebe engezwa kulokho, wayenokuzuza ngempumelelo okukodwa: ukwakha lowomkhumbi. Noma ubani wayefuna ukungena, babenokwemukelwa ukuba bangene, kodwa kwakungumsebenzi kaNkulunkulu ukubangenisa, wavele washumayela iZwi. Yilokho kuphela okufanele sikwenze namhlanje, sihlale neZwi futhi sibe nesineke.

56 UMose, enye indoda eyayinesineke, wayenakho konke ukuqeqeshwa ayengakuthola eGibhithe, wayeyindoda yezempi, indoda enkulu. Futhi yena, emandleni akhe ezempi, noma, ngamandla akhe uqobo olwazi lwakhe uqobo, waphuma ukuyokhulula u-Israyeli, ngoba wayazi ukuthi kwase kuyisikhathi sokuba kwenzeke. Kodwa wacabanga, enhliziyweni yakhe, ukuthi abantu babeqeqeshwe ngokwanele ukuba baqonde ukuthi ihora lalilapho, futhi wayengumuntu owayeze ukuzobasiza, kodwa abazange. Ngakho niyabona amasondo awazange athi qhebe ndawonye, kukhona okwakungalungile.

57 Futhi lapho uNkulunkulu engakhuluma emhlanganweni, futhi uma amasondo engahlangene, angeke kukusize ngalutho. Ufanele uhambisane nesithembiso saKhe, ufanele uhlele indlela yakho yokucabanga, hhayi lokho okwashiwo omunye umuntu, noma omunye umuntu owakusho *ngapha*, noma inhlangano ethize eyakusho, noma—noma omunye udokotela akusho, ufanele uhambisane nesithembiso sikaNkulunkulu, khona-ke uzwa iPhimbo laKhe likhuluma futhi lithi, "Ngu*wena*." Khona-ke uba nesineke, mfowethu, akukho okuzokuvimba ngaleyonkathi. Yiqiniso. Noma yini ingenzeka, kodwa ayisoze yakuthatha, ungaba nesineke, ngoba angeke sife, sesivele sifile. Sinesibambiso sensindiso yethu, khona manje, ngoba sivuswe kanye naYe, savuswa kanye naYe, futhi sihlezi ezindaweni zaseZulwini, khona manje, nesiqiniseko.

58 Ngangikhuluma ngobunye ubusuku futhi ngathi, "Njengo-Israyeli . . ." Manje, babengazi ukuthi babeyaphi, babenezwe lesethembiso nje. Kodwa ngaphambi kokuba bafike kulelizwe lesethembiso iqhawe elikhulu, elithiwa nguJoshuwa, okusho ukuthi "Jehova, Msindisi," wawelela ezweni lesethembiso futhi wabuya nobufakazi bokuthi izwe lalikhona, ngendlela nje uNkulunkulu alethembisa ngayo. Babenobufakazi nabo, khona-ke wayengaba nesineke. Yingalesosizathu athulisa u-Israyeli ekuphikisaneni kwabo, bathi, "Angeke sikwazi ukulithatha. O, si—sifanele sibuyele emuva. Sifanele senze *lokhu*."

59 Wathi, "Sinamandla okulithatha!" Ngani? Wayebheke lokho uNkulunkulu akusho, futhi wayenobufakazi.

60 Ngenkathi uJesu efika enkundleni, Wasethembisa iZwe, "EKhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi. Futhi kukhona ukuPhila ngale kokufa." Futhi Wawela iJordani, esikubiza nge "Jordani," ukufa, Wawelela kwelinye iZwe futhi wabuya nobufakazi, ngosuku lwesithathu Wavuka futhi; Wadla, waphuza, futhi Wathi, "Ngiphatheni, aNgiwona umoya, Ngiyinyama namathambo." Futhi Wathi, "Ngizoninika iSibambiso salokhu, kodwa lindani phezulu lapho izinsuku eziyishumi." Babanesineke emva kwalokho futhi, ngoba babena—amandla, ubuFakazi bokuvuka kubo. Yingalesosizathu bengakuthandanga ukuphila kwabo kwaze kwaba sekufeni, ngoba babengaba nesineke, babenobuFakazi, ba—babezuze okuthile ngokufa kukaJesu Kristu.

61 Ngabe Usho lokho kuwe kulentambama na? Ungaba nesineke ekutheni, "Ngiyakukholwa. Akunandaba ukuthi kwenzekani, kusengokwami, ngoba sengivuke kanye naYe ekuvukeni. Ngibheka emuva, futhi ngibone impilo engake ngayiphila angisayiphili." Kwenzenjani na? Lokho kukhombisa ukuthi wafa kanye naYe futhi uvuswe kanye naYe, futhi unesiBambiso, iNkokhelo yokuqala, ekuvukeni kwakho kwaPhakade.

62 Yebo, uMose wehluleka. Kodwa ngelinye ilanga . . . Niyazi, uMose wayengakaze alizwe iPhimbo likaNkulunkulu, wayesanda kutshelwa ngunina kanye nabafundisi bangalolosuku, *othile-nothile* wayeza, uNkulunkulu wayezothumela umkhululi. Unina wathi, "Ndodana, ngikholwa ukuthi uyilowo muntu." UMose wayengazi ngokuqinisekile, wayengekuqonde, ngakho-ke iphutha elincane lokuqala liyavela, iphutha elincane lokuqala, usongo oluncane, wagijimela ehlane.

63 Kodwa ngolunye usuku, esaluse izimvu, wathola isihlahla esivuthayo, futhi kulesosihlahla esivuthayo kwavela iPhimbo, futhi Lathi, "Impela, Ngizoba nawe." Waba nesineke. Ngani? Wayenokukholwa. "Ngizoba nawe."

"Ngi—ngiyindoda enensayo."

Wathi, "Ngubani owenza umuntu abe yisithulu, noma isimungulu, noma akhulume na?"

"E, ngeke bangikholwe."

"Ngizoba nawe." Khona-ke waba nesineke.

64 Ngenkathi engena lapho phambi kukaFaro futhi ebone abanye balabobantu bezama uku . . .

65 Ingabe ngenza okuthile okungalungile lapha, ngiyacabanga? Ngi . . . ngihamba kakhulu. Kulungile. Ngiyabonga. Uxolo, Mfowethu. Ngicabanga ukuthi ngikuvale izindlebe futhi, uma

ungakwehlisa kancanyana lokho, mina...bekungaba ngcono, mhlawumpe. Ngi...

66 Phansi lapho e—eGibhithe, uMose ungena engxabanweni. Futhi ngakho, indoda ifanele yazi ukuthi ikhuluma ngani uma uzoba nesineke. Ngakho, wagijimela engxabanweni, wagijimela kubalingisi abathile ababezama ukwenza into efanayo ayenza, futhi bakwenza, ngesilinganiso, kodwa lokho akuzange kumvimbe, wayenesineke. Ngoba...Wabona abahleka usulu bento elungile, wavele waqhubeka nje ngqo, ngenxa yokuthi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayemthumile. Futhi ukuthi umphumela uyini kukho, lokho kukuNkulunkulu.

67 Ngenkathi u-Israyeli ekhala, wayenesineke, "Sicindezela siyaphambili." Ngenkathi babefuna ukubuyela emuva, wathi, "Sicindezela siyaphambili." Wayenesineke, yebo. Wayephikelela. Ukuphikelela, he, lokho kusho ukuthini kithi namuhla! Abantu bayo yonke iminyaka, abanokukholwa kuNkulunkulu, bayaphikelela.

68 Buka uDavide. UDavide omncane, akukho ukungabaza wakhulela kwelithandekayo, ikhaya elikholwayo, uyise, uJese, indoda enkulu kaNkulunkulu, akungabazeki wabutha bonke labobafana ebusuku futhi baba nomkhuleko wasekhaya ngaphambi kokuba balale, mhlawumpe wafunda imiBhalo egoqwayo, futhi wakhuluma ngoJehova omkhulu Owayevule uLwandle oluBomvu, nomprofethi omkhulu uMose wayebakhiphile, elandela iNsika yoMlilo, zonke lezizinto, lokho kwadala ukukholwa, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." UDavide omncane waqala ukucabanga ngalokho.

69 O, kusobala, wayewu, uhlobo lomncinyana emndenini, ngakho bamkhiphela ngaphandle ukuba abheke izimvu ezimbalwa, futhi wayenomthwalo ngalezozimvu. Futhi ngolunye usuku kwafika ibhubesi lathatha eyodwa, futhi wacabanga, "Manje, ngizothini kubaba ngokuduka kwalemvu na?" Futhi kwenzeka wakhumbula ukuthi "Ubaba wami wafunda emiBhalweni egoqwayo futhi wangitshela ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu omkhulu ukuba akhulule abantu baKhe, nokuthi Wayezobusisa u-Israyeli, futhi Wayeno-Israyeli. Futhi ngingomunye wabo, nabo bonke abasokile, futhi abakuleso sivumelwano, isibusiso sikaNkulunkulu siphezu kwabo, futhi ngingomunye wabo. Ngisokile, futhi isibusiso sikaNkulunkulu siphezu kwami, nginelungelo. Enye yezimvu zikababa isihambile, ngakho ngiyayilandela leyomvu."

70 Futhi wadumela indwayimane yakhe encane, futhi wahamba, wayibuyisa leyomvu ngokubulala ibhubesi. Ngani? Wayenesineke. Wayenzani uNkulunkulu na? Emqeqesha. Ibhere liyangena futhi lathatha eyodwa, wahamba walanda imvu ebhereni.

71 Ngelinye ilanga, ngenkathi ekhuphulela abafowabo okokudla, lapho amabutho ayengaphesheya komsele kwesinye, isigodi esincane lapho umfudlana ugeleza phakathi kwawo, futhi kwakukhona uGoliyathi omkhulu phandle lapho, eqhosa. Mhlawumpe uDavide wambheka, uyabuya, waqalaza isikhashana, ubona ukuthi ubani . . . ubheka phezulu, ukubona ukuthi wayengubani lowo omkhulukazi, futhi i—indoda enkulu kunabo bonke ebuthweni, futhi kwakunguSawule, umholi, inhloko namahlombe ngaphezu kwabo bonke.

72 "Awu, kungani engaphumeli lapho na?" wacabanga. Waqhubeka wahamba, ngiyacabanga wayecabanga, "Nkulunkulu, Baba wami, ngiyazi uma Ukhathalela ka*ngako* enye yalawo mawundlu phandle lapho, Ubakhathalela kangakanani abantu ababizwa ngeGama laKho na? Manje, basengxabanweni, futhi bonke bayesaba." Futhi waba nesineke kakhulu, wavele waphuma walandela uGoliyathi ngaleyondwayimane efanayo futhi wanqoba ukunqoba. Ngani? Wayekholelwa kulokho ayezama ukukuzuza. Ukuzuza kwakhe ngempumelelo kwakulungile, kwakusentandweni kaNkulunkulu, eZwini likaNkulunkulu, ohlelweni lukaNkulunkulu.

73 Futhi uma ungathola ukuthi iyini indawo yakho ohlelweni lukaNkulunkulu, nakuba ngisho ugula futhi ucishe wafa . . . Wena uthi, "NgingumKristu, lokho kungaba kanjani ohlelweni lukaNkulunkulu na?" Kungahle kube sohlelweni lukaNkulunkulu ukukuphilisa futhi akunike ubufakazi obuyonyakazisa imiphefumulo iye eMbusweni kaNkulunkulu. Impela. Uvumela lezozinto zenzeke. Mhlawumbe ube nokwehla nokwenyuka kwakho nesitha sikubashula ngapha nangapha, kwakungahle kube ngaleyondlela. Konke lokho kusohlelweni lukaNkulunkulu.

74 Bukani uJobe, ngenkathi ehlushwa, izilonda kuye wonke, konke kwakusohlelweni lukaNkulunkulu, kodwa uJobe, naye, wayenesineke ngoba wayazi ukuthi wayegcina iZwi likaNkulunkulu, akukho okwakuzomkhathaza.

75 Bengingacabanga, namhlanje, ngoSamsoni, wayenesineke, naye. Wayenesineke inqobo nje uma wayengabona ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu sasikuye. Ngaso sonke isikhathi ukuthi a—amaFilisti ayeqhosha, noma amngenise ekhoneni . . . Mhlawumpe ezincanyana, izingalo ezindala ezondile, nomncane, umfo osasitabane enamagoda amancane ayisikhombisa elengela phansi, ukuthi bonke bambiza, "Isitabanyana," futhi, kodwa wayezozwa ngapho ukubona ukuthi lawomagoda ayekahle, wavele wavumela amabhubesi ukuthi abhonge, uvumela amaFilisti amvalele, benze noma yini ababeyifuna, wayethatha amasango omuzi wonke futhi awathwale akhuphukele egqumeni. Ngani? Wayenesineke. Ngani? Wabona, futhi wezwa,

futhi wazi ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu sasilenga phezu kwakhe. Amen. Mm!

76 Befanele nenzeni nina bantu bePentecostal uma nibona uMoya oNgcwele uhamba phakathi kwethu na? NiyaMbona enza izibonakaliso nezimanga, ethatha izoni futhi ezenza abangcwele, ethatha abagulayo futhi ebaphulukisa, enza izimpumputhe zibone, izithulu zizwe, futhi ngisho evusa abafileyo, enza zonke izinhlobo zezibonakaliso nezimanga, futhi khona-ke sihlala emuva njengesigejane semidlwane ebhaxabuliwe. Ebesifanele sibe yikho ukuba nesineke! Sukuma lapho futhi uthathe uNkulunkulu. . .

77 Yizwa uMoya waKhe ushanela phezu kwemiphefumulo yethu ngamandla okuvuka kwaKhe, bese-ke usekela eZwini laKhe, uthi, "Ungaphinde ungikhulekele na?" Ungikhulekele futhi na? UNkulunkulu wenza isithembiso, noJesu wafa kanye, lokho kuyakuxazulula, yilokho kuphela. Khona-ke yiba nesineke. Yebo, mnumzane, yiba njengamasosha angempela. O, Mkhulu kangakanani!

78 Inqobo nje uma uSamsoni azi ukuthi isiphiwo sakhe sasinaye, wayengawezwa lawomagoda ayisikhombisa, wayengabhekana nanoma yimuphi umFilisti. Ngani, wathatha umhlathi womnyuzi futhi washaya walahla phansi amaFilisti ayinkulungwane! Ungakucabanga lokho na? Manje, lokho ngokososayensi namuhla, isayensi. Umhlathi omdala, sewake walibona ithambo emva kokuba lithola, lilele e, ligezekile kanjalo na? Ngani, libole njengoba lingaba njalo, vele ulishaye futhi lizondiza libe yizicucu. Nalezozigqoko zokuzivikela sasiwugqinsi i-intshi nengxenye ubugqinsi, phezu kwamakhanda abo nejazi elikhulu lensimbi phezu kwabo, cishe elinye intshi.

79 Abafo abakhulukazi, imikhonto emikhulu esandleni sabo, futhi lapha lona omncanyana, isigqunswana esinekhanda elinezinwele ezisongene sama phandle lapho sinomhlathi, futhi sashaya lezozingebhezi zamakhanda zangena phakathi, futhi wabulala inkulungwane yabo ngesandla esisodwa. Ngani, akazange esabe! Ngani? Wezwa, wawabona lawomagoda ayesalenga lapho, futhi waba nesineke kakhulu.

80 Inqobo nje uma umKristu engazi ukuthi uphila ngaphezu kwesono, ukuthi uMoya oNgcwele uyambusisa futhi umi naye, yiba nesineke futhi ucindezele uqonde emgomeni wokubiza okuphezulu. AmaKristu afanele abe ngaleyondlela, aphikelele kakhulu ekuzishoni kwawo kuNkulunkulu, ahlale nakho.

81 Ngikhulumile, emizuzwaneni embalwa edlule, ngoJohane umBhaphathizi, ngithanda ukusho enye into ngaphambi kokushiya lokho. Niyazi, uJohane wayewuhlobo lomntwana oyinqaba. Asinawo umlando omningi kakhulu ngempilo yakhe, siyazi ukuthi uyise wayengumpristi ophuma esikoleni

sokufunda, uZakariya, unina kwakungu-Elizabethe, inkosikazi yasekhaya nje ejwayelekile, base bebadala, futhi uNkulunkulu wabonakala kuye ngolunye usuku, ngeNgelosi, uGabriyeli, futhi umnika i—isethembiso somntwana.

82 Futhi kufanele kube uhlobo oludabukisayo enhliziyweni endala yezithandani, ngoba bazi ukuthi lowomfana wayezoba ngumholi kaNkulunkulu, wayezoba yindoda yehora, bazi ukuthi wayezodlula kuzo zonke izinhlobo zezivivinyo nezinhlupho, nabantu bemelene naye, nayo yonke into, ngoba bahlala bengaleyondlela. Uma kungenjalo, kukhona okungalungile ngesikhathi. Kunjalo.

83 Ngakho khona-ke, sithola ukuthi kufanele ukuthi kwakukade kuwuhlobo oludabukisayo kwizithandani ezindala, zazi ukuthi kwakuzodingeka zife futhi zishiye lomfana, ngaphambi kokuba zibone lendodana yazo ingena ekugcotshweni kwayo okuphelele ukuba ibe nga—ngaphambi-. . . umholi, noma, njalo, umanduleli kaMesiya ozayo, bakukholwa lokho, futhi mhlawumbe bamtshela lokho.

84 Manje, ngenkathi uJohane esesebusheni bakhe, uyise nonina bafa. Futhi kwakuxakile, lensizwa uNkulunkulu ayeyibizile, akumangalisi yini ukuthi ayizange iye ngale ohlelweni lwenkolo olufanayo uyise ayekulo na? Ngokufanelekile, kwakuyisiko ngalolosuku ukuthi abantu . . . U—ubupristi babufanele buvele kuLevi, kusobala. Ngakho wayenakho . . . AmaLevi ayengabapristi, futhi ayeya ethempelini lawo afunda yonke imiyalo.

85 Kodwa niyazi, uJohane akakwenzanga lokho, siyatshelwa ukuthi uJohane waphuma wangena ehlane. Wayengafuni ukuxubana namasiko abo, wayenomsebenzi obalulekile, futhi indoda yakusonta konke. Ngakho yena, uma wayezoba nokuqiniseka . . . Wayefanele abe yilowo owayezokwethula uMesiya, futhi wayefanele aqiniseke ukuthi KwakuNgubani.

86 Ngakho mhlawumpe, ukube waya kubefundisi basesontweni futhi wathi, “Ngiyindodana kaZakariya”: “Ngena futhi ubhalise futhi—futhi ukhokhele izifundo zakho. Bathengisa ikhaya phezulu lapho, futhi—futhi sizokuqeqesha ngapha, futhi ungasebenza ematafuleni,” nokunye nokunye. O, he! Waya ekholiji lakhe lokufundela ubufundisi futhi wathola konke ukuhlolwa, nakho konke ukufundiswa, nokunye nokunye kanjalo.

87 Babeyothi, “Manje, uma uzokwethula uMesiya, kuthiwani ngompristi wethu omkhulu okahle, namuhla na? Awucabangi ukuthi uyindoda ethandekayo na? Bukani ukuthi angama *kanjani*, nokuthi angakhothama *kanjani*. Awucabangi ukuthi lokho kubukeka njengoMesiya na? Mhlawumpe nguYe.”

88 O, omunye umpristi ubeyothi, “O, qhabo, qhabo, qhabo. Unephutha, bekungeke kube ikhehla, kanjalo, bekungaba

yilensizwa *lapha*, lomvangeli osemncane othungela izwe ngomlilo nje. Niyazi ukuthi lowo bekuyoba nguYe. Ngani, buka, ngani, angacaphuna zonke izivumokholo zethu kanjalonjalo, wazi wonke amasiko abadala ukwedlula wonke omunye umuntu. Futhi ungumuntu omkhulu kangako! Njalo-. . .ngisho nabaFarisi, abaSadusi, namaHerode, bonke babambisana naye. Unenkonzo enkulu kunazo zonke ensimini namuhla. Lowo ngumfo, uJohane."

89 UJohane wayengafuni ukuthi baxubane nombhedo onjalo, wayenomsebenzi obalulekile. Wenzani na? Wahlala lapho waze wezwa ngoNkulunkulu. UNkulunkulu wathi, "Ngizokutshela ukuthi UnguBani. Vele uqhubekele phandle lapho, kodwa Lowo obona uMoya wehla phezu kwakhe, Lowo nguYe. Leso kuzoba yisibonakaliso sikaMesiya. Qhubeka nje futhi ushumayele, futhi ushumayele ukuphenduka, futhi ubabhaphathize ekuphendukeni, futhi ubatshele ukuthi ngiyeza. Kodwa ungabavumeli bakulethele omunye umuntu futhi bathi, 'Mgcobe manje futhi umenze umbhishobhi omkhulu, noma umenze uMesiya,' kumbe noma ngabe kuyini. Linda uze ubone lesisibonakaliso. Lapho ubona lesisibonakaliso, khona-ke Lowo nguYe, tshela u-Israyeli, 'Lowo nguYe,' wena uthi, 'Lowo nguYe,' lapho ubona isibonakaliso engikutshela ukuthi usibone."

90 O Nkulunkulu, sisize namuhla! Hhayi, "Isigidi ngaphezulu ngo '44," nazo zonke lezi ezinye izinhlobo zobuwula esizitholayo, negazi, umlilo, intuthu, nomhwamuko, nalo lonke uhlobo lwezinto, hlala neZwi. Lonke uhlobo lwemizwa, udeveli angayilingisa yonke. Hlala neZwi.

91 UJohane walinda, wayeyobhaphathiza abambalwa futhi wayeqalaza nxazonke, wayeyobhaphathiza abanye abambalwa, umpristi ubeyothi, "Ubani Lo okhuluma ngaye na?"

92 Wathi, "Ukhona Omi lapha ndawondawo." Yilokho akusho. "Kukhona Omi phakathi kwenu manje, aniMazi, nami angimazi. Kodwa Uzoba nguYe Ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo. Ngibhaphathiza ngamanzi kuphela."

93 "UnguBani na? Ngithi, ngiyakutshela, umfowethu, usanda kuthola iPh.D yakhe. ngolunye usuku, lowo nguYe. Mgqokise, mgqokise ingubo yakhe ende, isigqoko sakhe sompristi omkhulu," noma ngabe kuyini. "Mhlalise phansi lapho, makakhombise izincwadi zakhe ezimchazayo, unenhlanganyelo enhle nawo wonke umuntu. Yehlela lapha. Ingabe nguye *lo*, Johane na?"

"Akusuye Lowo." Amen.

94 NjengoSamuweli omdala, omunye umprofethi ngaphambi kwakhe, ethola eyodwa yamadodana kaDavide, a, emadodaneni kaJese, ngiyaxolisa, ezama ukuthola uDavide. Bangenisa lowo omncanyana, onamahlombe aqhothile, umfo obukeka ebomvana, wathi, "Nguye lowo, nguye lowo."

Ngakho bathola, mhlawumpe, mhlawumbe baletha bonke osiyazi babo bezenkolo, bathi, "Ingabe Nguye lo? Ngabe Nguye lo?"

UJohane wathi, "Qhabo, akekho kubo, uNkulunkulu ubanqabe bonke. Angazi ukuthi UnguBani. Kodwa Wangitshela ukuthi yini engizoyithola."

"Awu, buka lapha, yini engalungile nga*lo*mfo na?"

"Angazi. Kodwa nginesibonakaliso esithile okufanele ngisithole."

95 Futhi ngolunye usuku, kuza kwehla iNdoda encane engenadumo, igama elimnyama kuphela, elingcolile emva kwaKhe, owazalwa engumntwana wesihlahla, ngakho abantu bacabanga, yebo. Weza ehamba ezansi laphaya ne—ne—indoda okuthiwa nguLazaru. UJohane wabheka phezulu, wayephikelele impela, wathi, "NaNgu, Lowo nguYe."

"Wazi kanjani na?"

96 "LoWo owangitshela ukuthi ngihambe ngibhaphathize ngamanzi, wathi, 'Ozakubona uMoya ehlela phezu kwakhe ahlale phezu kwakhe, NguYe Ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.'" Wabheka lesosibonakaliso sikaMesiya, wayephikelela.

"Wazi kanjani ukuthi nguYe na?"

"Ngiyazi ukuthi NguYe."

"Ngani? Manje, ngitshele. Thola lokhu . . . Bese uya esikoleni sokufunda. Ukuthathaphi lokhu na?"

"UNkulunkulu wangitshela kanjalo." Wezwa iPhimbo likaNkulunkulu futhi wazi ukuthi kwaKunguYe.

97 Lona wesifazane ompofu ongumGreki, sizodingeka sisheshise futhi sifike kuye masinyane impela, sikhulume ngaye imizuzu embalwa. Ngicabanga ukuthi wayebenobunzima naye. Indawo yokuqala, sithola ukuthi wezwa ngaYe. Leyo yinto yokuqala okumele uyenze, ufanele uzwe ngaYe. Wezwa ngaYe. Wezwa ngani na? Udumo lwaKhe, ukuthi WayenguBani. Akungabazeki umuntu othize olungile wayesakaze izindaba.

98 Futhi wayenomntwana owayegula, futhi khona, akukho okungakusiza. Wayengenwe, mhlawumpe, isithuthwane, wayenomoya owawuzo, mhlawumpe owawuzombulala, kwakuzoba kuye impilo yakhe yonke. Wayezwile ngokuphulukiswa kwabanye.

99 Manje, mhlawumbe othile wayethe, "Manje, linda umzuzu, okokuqala, angeke uye kuleloqembu, ungumJuda, ungowenye inhlangano. Awukwazi, ungowelinye iqembu, angeke uye kuye."

100 Uyazi, *ngandlela thize* ukukholwa kuthola umthombo abanye abangazi lutho ngawo. Akunandaba ukuthi bazama kangakanani ukuthi, "Ungahambi," bayahamba noma kanjani.

Niyabo? Ngoba ukukholwa kuthola umthombo wakho, abanye abawuboni. Kunjalo. Manje, wayelazi iZwi laKhe. NeBhayibheli lasho, kumaHeberu isahluko 4 nevesi 12, ukuthi "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika ngisho ku—kwehlukanise oko—umphefumulo, futhi laHlulela imicabango yenhliziyo." Yilokho iZwi likaNkulunkulu elikwenzayo, Lahlulela ngisho imicabango esenhliziyweni yakho.

101 Lalela, ukukholwa yisandla esingaphatha leyoNkemba. Asikho esinye isandla esingakwenza, akukho sandla sobufundisi basesontweni, akukho sandla senhlangano, akukho zandla zeqembu, akukho zandla zesizwe, kuthatha isandla sokukholwa ukukwenza. Futhi kuya ngokuthi lesosandla siqine kangakanani, ungase usike ngokwanele kusuke kuwe, ubone ukuthi u—ukhululiwe esonweni, khona-ke wena, uma unamandla ngokwanele, ungangena ekuphilisweni, ungasika kunoma yini uNkulunkulu ayethembisa, konke kuphandle lapho. Njengoba Atshela uJoshuwa, "Yonke indawo lapho amathe onyawo lwakho ebekwa khona, lelo ifa." Kuya ngokuthi siqine kangakanani lesosandla sokukholwa esiphethe leyoNkemba yeZwi likaNkulunkulu.

102 O, yiqiniso, wayenezithiyo eziningi, kodwa ukukholwa kwakhe kwakungenazithiyo. Ungahle ube nazo. Nginenqwaba yazo, izithiyo eziningi. Kodwa mayelana nokukholwa kwakho, leyo yinto. Uma ungakwazi ukuphikelela, uma uzovumela yonke into ikuvimbele. . .Manje, ngokomzimba, ungase uzizwe kabi, ngokomzimba ungahle ungazizwa kahle, futhi kungenjalo, ungahle ungazizwa engathi ungenza-. . .ukuya esontweni, ungahle ungazizwa engathi ungenza noma yini, kodwa ukukholwa kwakho akunasithiyo, kuyaqhubeka noma kanjani.

103 Mhlawumbe umelusi wakho ukukhulekele, wakugcoba ngamafutha, yilokho afanele akwenze, bese ubuyela emuva futhi uthi, "Melusi, angizwa bungcono." O, he! Awunjalo. . . ubungafanele ukhuphuke kwasekuqaleni. Niyabo? Niyabo? Uhamba ngomuzwa wakho. Kodwa ukukholwa kwakho, uma unokukholwa. . .

104 Awu, uzothi, "Ngizolinda nje aze uMfowethu Roberts afike, noma uMfowethu Branham, noma abanye babo abanye." O, he! Akukhona lokho. Ukukholwa kwakho eZwini likaNkulunkulu. UNkulunkulu wathi, "Biza amalunga futhi mawakugcobe ngamafutha futhi akukhulekele. Futhi umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo."

105 Uma unokukholwa kuNkulunkulu nokukholwa emkhulekweni, khona-ke qhubeka noma kanjani, akukho lutho oluzokuvimba. Niyabo? Ngani? Unokukholwa, uyakukholwa. Ukukholwa akunazo izithiyo.

106 O, kodwa owesifazane wayenezithiyo eziningi, futhi unenqwaba yezithiyo ezingokwenyama nezithiyo ezingokomoya, kodwa uma ukukholwa kwakho kukholelwa kuNkulunkulu, azikho izithiyo ekukholweni kwakho.

Kungenzeka ukuthi othile wathi, "Manje, linda umzuzu. Manje, ungumGreki uya eJudeni."

"UyiBaptisti uya kwiPentecostal." Niyazi, zonke lezizinto.

107 Abanye babo kungahle ukuthi babethi, "Manje, umzuzu nje, S'thandwa, wazi kahle kamhlophe ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo, lokho ngamadlingozi kuphela. Besingakaze sibe nakho lokho kuyo yonke leminyaka na? Sizwile lesosigejane samaJuda azisho ukuthi akholelwa kuNkulunkulu ongaphezu kwemvelo, unkulunkulu wethu ezansi lapho ethempelini, ukwenzela okuningi nje, okungaphezu kwalokho abengakwenza. Akukho lutho kulokho.

108 "Awubaboni abantu bakithi bonke bethatheka ngokukhohlisa okunjalo. Sehlela esithixweni sethu futhi sikhothamele kuso, futhi sisihloniphe, nakho konke *lokhu*, futhi sibuyela emuva futhi siphile izimpilo ezinokuthula, asihlali sidabukile njengaleso sigejane sabagingqiki abangcwele. Bahlala bekhathazeka, *lokhu*, *lokho*, no*kunye*, niyazi. Lokho ngokunye nje . . . " Kodwa uyabona . . .

109 Kungahle, omunye kungahle ukuba ukhuphukile futhi wathi, "Manje, linda kancane. Uyazi ukuthi umyeni wakho ungusomabhizinisi kulelidolobha na? Futhi indodana yakho uqobo kungahle ukuba ibingu—umpristi kunkulunkulukazi omkhulu ezansi *lapho*, unkulunkulukazi wamaGreki. Uyazi yini, bekungaba—khona—bekungaba kubi kabi. Umyeni wakho uzokulahla khona lapho usuke ekhaya. Ngani, awufanele wehlele lapho, lokho kubi."

110 Futhi abanye kungahle ukuba bama, bathi, "Wehlela lapho nento enjengaleyo, uzoba yinhlekisa yesizwe sakithi. Wonke umuntu uzovele athi *ha-ha* futhi akuhleke." Owesifazane omncane uyama, walalela konke lokho, niyazi.

111 Niyazi, nabanye kungahle ukuba benyuka, umpristi kankulunkulukazi wakhe kungahle ukuba wenyuka futhi wathi, "Manje, umzuzu nje! Wehlela lapho futhi uthatha ubulungu bakho kulelibandla."

112 O, wayenenqwaba yezithiyo, akungabazeki, kodwa uyazi, lokho akuzange kumvimbe, wabambelela. Bona, bonke kungenzeka ukuthi babeqinisile, kodwa noma kunjalo kwakukhona okuthize ngaphakathi kuye, wayekholwa ukuthi wayesendleleni efanele. Wayekholwa ukuthi uma WayenguNkulunkulu impela, WayenguNkulunkulu wazo zonke izizwe, uma WayenguNkulunkulu impela, UnguNkulunkulu wayo yonke indalo, futhi uma Wayekwazi ukuphulukisa

umJuda, Wayengaphulukisa oweZizwe. Ngakho kwenza mehluko muni ukuthi wayengumJuda noma oweZizwe na? Wayezongena eBukhoneni bukaNkulunkulu. A, he! Lokho kwakubethela phansi.

113 Manje, uyalwa wedlula kukho konke lokho, manje, buka ukuthi yini adingeka adlule kuyo, ezinye izinto eziningi zo, ukuba benginesikhathi bengingadlula kukho, niyazi, kodwa nje ukusho lezozinto. Futhi wayedingeka alwe nakho konke lokho, khona-ke ufika kuYe, futhi manje UZifihle ekamelweni. Manje, unogada emnyango wathi, "Cha, akekho ongenayo. Uphakathi lapho, kodwa Ukhathele, ningaMkhathazi."

114 Mhlawumbe uSimoni ehlezi emnyango, umfundi, wathi, "Manje, uma ufika kuYe, uzodingeka udlule kimi." Omunye, nakhu kumi u-Andreya emva kwakhe, omunye emva kwakhe. O, he, kodwa ngandlela thize, angazi ukuthi wakwenza kanjani, kodwa wafika kuYe. Niyabo?

115 Futhi khona-ke lapho efika kuYe, waluchaza udaba lwakhe, lokho ayenakho engqondweni, indodakazi yakhe yayigula. Futhi manje bukani ekuphoxekeni, ngisho Yena impela eza kuye, Lowo ayemazi ukuthi unguNkulunkulu! Futhi Wa—Wathi, "Angithunyelwanga ohlangeni lwakho." Whewu! Mm! Kwakuluphawu luni lolo! "Ngithunyelwe kubantwana bakaNkulunkulu, futhi anilutho ngaphandle kwesigejane sezinja."

116 Ngani, lokho bekungeke yini lokho kuqhumise isibhakabhaka samaPentecostal phezulu na? O, he, mm! O, "Ngithunyelwe ohlangeni lwabantu abakholelwa kiMi. Ngithunyelwe kumaJuda, abantwana, futhi ngifanele ngiphakele *bona*, hhayi nina sigejane sezinja," embiza ngenja, wathi Wayengathunyelwanga kuye.

117 Kodwa niyazi ukukholwa, wayesabambelele, wayesaphikelele, enesineke. Ngani? Wayenokukholwa. Wayazi ukuthi Lowo kwakunguNkulunkulu. Futhi wayazi ukuthi uma Engaphulukisa umJuda. . .Wadala oweZizwe, ngokufanayo njengoba Adala umJuda. Kwakukhona indawo ethile lapho ayengaMthinta khona. O, mfowethu, ngiyakuthanda lokho. Eqhubeka nokushaya ngesibhakela nje. Amen.

118 Ukushaya. Manje, ukuhumusha okulungile kulokho akusikho ukuthi "lowo oshayayo," ngukuthi "ongqongqozayo." Yena ocelayo, hhayi ukuthi, "Nkosi," noma, ongqongqozayo, nje [UMfowethu Branham ungqongqoza kanye—Umhl.], uhamba usuke. Qhabo, ulokhu umile nje ungqongqoza. [UMfowethu Branham ungqongqoza ngokuqhubekayo.] "Nkosi, ngifuna ukungena, ngivulele." Yilokho-ke, yilokho-ke. Ehhe. Njengomfelokazi nomahluleli ongalungile. Niyabo? Qhubeka nokungqongqoza njalonjalo.

119 Wayezimisele. Ukukholwa kwabamba okuthize, futhi waphikelela nakho. Wayazi ukuthi wayefanele afike lapho, ngoba mhlawumbe omunye womakhelwane bakhe wayebe nohlobo olufanayo lwe—isimo, omunye wesifazane ongumJuda ayemazi ukuthi wayenendodakazi ngendlela efanayo futhi waphulukiswa. Kwadingeka afike lapho, yilokho kuphela okwakukhona kukho. Ufanele afike lapho, futhi wayephikelele, akunandaba noma Amenqaba, "Kulungile, lelo yiqiniso."

Wathi, "Nina sigejane sezinja anikufanele ngisho uKudla. Ngifanele ngiphakele abantwana ngapha."

120 Wathi, "Yiqiniso lelo, Nkosi." Niyabo? Ini? Ukukholwa, lokhu ngokuyobulayo, futhi ngethemba ukuthi niyakuthola, ukukholwa njalo kuyalivuma iZwi ukuthi liyiqiniso. Ehhe. Kunjalo. Ukukholwa njalo kuvuma iZwi ngo, "Amen." Akunandaba ukuthi enye into iyini, iZwi lihlala liqinisile. Akunandaba uma bethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," futhi iBhayibheli lathi, "UJesu Kristu, nguyena izolo, namuhla, naphakade," ukukholwa kuthi, "*Lelo* yiQiniso." Futhi kunjalo. Uma bethi, "UMoya oNgcwele ungoweqembu nje emuva lapho, ikhulu namashumi amabili ngoSuku lwePhentekoste," neBhayibheli lathi, uPetru washo ngePhentekoste, "Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza," ukukholwa kubambelela kulokho. Akekho ongakuphuca khona, ukutholile.

"O, angazi uma, akekho, angizange ngiKwemukele."

"UNkulunkulu waKwethembisa, futhi lapha ngiyaKufuna."

"Lokho kungokolunye usuku."

121 "Kungokwami futhi, ngoba Okuthile kimi kungitshela ukuthi Uthanda kakhulu namuhla njengoba Ake wakwenza, UnguNkulunkulu ofanayo." Khona-ke ungaphikelela futhi uhlale khona lapho, ungqongqoza, ufuna, ubambelele uze uMoya oNgcwele wehlele phezu kwakho. Amen. Manje, ngizizwa ngikholwa. Yebo, mnumzane. Amen. Ngiyazi ukuthi lokho kuyiqiniso, ngikuhlolile, ngiyazi ukuthi kuyiqiniso.

122 Kulungile. Ukukholwa kwakhe kwabambelela. He! O, ngiyakuthanda lokho. "Yebo," wathi, "yiqiniso lelo, Nkosi, ngiyinja, ngingoweZizwe, angifanelwe noma yikuphi okwalezizibusiso, empeleni zingezamaJuda, Wena uze kwabaKho uQobo. Ngikholwa nawokunci kwalokho." Kodwa noma kunjalo, nokho phansi enhliziyweni yakhe, wayengalimalanga, wayengaphathekanga kabi ngakho, wayelibona iQiniso.

123 Manje, uma uNkulunkulu engeza akutshele ukuthi ezinye zezimo ezibandayo eziyizo ngegama, ukuthi niyobhubhela ezonweni zenu uma niqhubeka ngaleyondlela, awu, ubuyosakazeka, he, he, he! Ubungeke ukulalele, ubuyothi, "Lowo ngumprofethi wamanga." Nokho, iZwi liyakutshela

ukuthi lelo yiqiniso, kodwa angeke ulilalele iZwi. O, mfowethu, ngiyakuthanda.

124 Mfana, wayengesona isitshalo engajaneni yokukhulela izitshalo. Wayengeyona i, kudingeka ukuthi afuthwe, okubhasteliwe njengezinye zezitshalo lesisizukulwane esizikhiqizile, kwadingeka ukuba kutotoswe. Qhabo. Kumele kuthathe . . . futhi o, wayekuthatha noma ngayiphi indlela Akunika ngayo. Yilokho kuphela. Wayelapho ngenxa yakho, wayekufuna. Hhayi, "Nkosi, manje yeka U—Ukukhuluma kanjalo kimi, futhi Wena woza endlini yami." Lokho—lokho kwakungenjalo . . . Yena nje—Yena nje wayefuna ukuzwa yena . . . Yena . . . Wayefuna Yena nje asho njalo, yilokho kuphela, yilokho kuphela ayefuna ukukuzwa, Yena nje ukuba asho njalo.

125 Wayengadingeki ukuthi afuthwe, futhi atotoswe, futhi ambambathwe futhi, "O, manje, S'thandwa, ufanele uze. Niyazi, uma uzoza kulobubusuku, ngizohamba nani ngesinye isikhathi, ndawondawo." O, bakithi! "O, ngiyanitshela ukuthini, ngizoba nomelusi wethu ukuba anitholele isihlalo esingaphambili, futhi ngi—ngizothola ingxoxiswano ekhethekile naye ngemuva." O, he, ukutotosa into enjalo! Lokho yinto ebhasteliwe.

126 "Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi," kwasho uJesu. "Futhi akukho-muntu ongeza, uma uBaba waMi engamdonsi." Kukale lokho esikalini sakho ngesinye isikhathi, ubone ukuthi ukuphi. Yebo, mnumzane. Uyathola, kuzobanika. Amen. Yebo, mnumzane. Beka iGeiger kulokho futhi uthole ukuthi kwenzekani. Kunjalo. Kuzobanika. Ngani? YiZwi likaNkulunkulu langoqobo ngempela. UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi konke uBaba aNgiphe khona kuzoza."

127 Awudingi ukuba utotose, futhi ubambambathe, futhi ubathembise ukuthi bazoba noxhaxha lwamaCadillac uma bezokwamukela uMoya oNgcwele, futhi bazo, ibhizinisi lizophumelela, futhi bazoba namabandla amakhulu, nemibhoshongo ephakeme, nabashumayeli abafundile abangcono, futhi . . . O, umbhedo! Suka kukho. Ukukholwa okubamba iZwi likaNkulunkulu, kuphethe amandla kaNkulunkulu. Kunjalo. Khona-ke uyaphikelela.

128 "Ngani, angikabi nalo uxhaxha lwamaCadillac, futhi bengilokhu nginani lapha unyaka wonke, konke enginakho ukuhlushwa okuningi." O, wena mbongolo ebhasteliwe! Awazi ngisho ukuthi ubaba nomama uyini. Yileyondlela okungayo nokho. He, he! Ya.

129 O, wavuma iqiniso, "Angikufanele, Nkosi, kunjalo." Kodwa wathi, ini? "Ngilapha nje ngizela imvuthuluka. Yiqiniso, abantwana bayadla, Uqinisile, Nkosi, Amazwi aKho ayiqiniso, Onke aWo, futhi angifanele ukuhlala kulelotafula kanye na—nabantwana, hhayi impela, kodwa, Nkosi, ake ngibize okuthize

ekunakeni kwaKho, izinja ziyavuma ukudla imvuthuluka ewa etafuleni labantwana." Haleluya! Lokho kwaMthola.

130 Kwehluke kanjani namuhla! Kwehluke kanjani ngathi thina bantu esizibiza ngamaPentecostal! Uma singatholi ulofu wonke, futhi ogcotshwe ngebhotela, asiwufuni. Qhabo, mnumzane, asifuni kwenza lutho ngawo, o. O, he! "Ingulube yonke noma lutho nhlobo," uyazi ukuthi bakusho kanjani.

131 Mfowethu, wayefuna imvuthuluka. Wathi, "Nkosi, lokho... o, Uyi...Lelo yiqiniso. Okushilo kuyiqiniso." Ukukholwa kuhlala kuliqonda iqiniso. Kodwa wathi, "Ngilapha nje ngenxa yemvuthuluka, uma nje ngingathola imvuthuluka ethile! Ngiyinja, kodwa izinja zinenhlanhla yokudla imvuthuluka." O, mfowethu!

132 Futhi khumbula, wayengoweZizwe, wayengakaze asibone isimangaliso. Qhabo, mnumzane, wayengakaze asibone isimangaliso, wayengoweZizwe. Kodwa kwakungafanele akhonjiswe, Wayengafanele ukuthi afike, athi, "Manje, buka lapha, ngifuna ukunikhombisa okuthize, ngifuna nibuke. Nibone i...Bukani lapha, ngizokhuleka umzuzu, bukani iGazi lehla liphuma ezandleni zaMi." Wayengakwenza lokho, impela Wayengakwenza.

133 Wayengathi, "Lindani kancane, ake Ngikukhombise esinye sezimangaliso zaMi. Ngiletheleni amanzi amancane. Niyazi, uMose umprofethi, ukuthi ngiyi...Ngiyamlandela. Kodwa ngiyanitshela, waphendula ulwandle lwaba amanzi ezansi lapho...igazi. Niyakukholwa lokho na?"

"Ya."

"Awu, khona-ke Ngitholele ipani lamanzi lapha, Ngizonikhombisa ukuthi Ngingenza into efanayo." O, bekungaba umbhedo lokho, wayengafuni ukubona lokho.

134 WayenjengoRahabi isifebe, lapho izinhloli ziwela ukuyohlola izwe noRahabi wazibona, lelo kwakuyithuba lakhe lokuqala ayenalo, akashongo ukuthi, "Awusho, lethani uJoshuwa ngalapha futhi mangimbone. Ake ngimhlole. Ingabe ungomkhulu kakhulu, umfo obukekayo na? Ingabe unezinwele ezisongene na? Awu, niyazi, ngingahle ngimkholwe ukuthi ungumholi weqembu likaNkulunkulu."

135 Wayengafuni ukubona uJoshuwa, wayengafuni ukubona noma yisiphi sezimangaliso zakhe, wathi, "Ngizwile," amen, "ukuthi uNkulunkulu unani, futhi ngifuna ukuhamba nani nami." Amen. Wayephikelela. "Angikhathali ukuthi abantu bami bonke benzani, ukuthi bamba kahle kanjani, ukuthi baqiniswe kanjani, UNkulunkulu ukunike lendawo, futhi ngifuna ukuhamba nawe." Amen. Wayephikelele. Yebo, mnumzane.

NjengoRahabi, yileyondlela lona wesifazane wabeZizwe ayeyiyo. Wayephikelela, wathi, "Ngi . . . Izinja zingadla imvuthuluka."

UJesu wathi, "Ngenxa yalesisisho . . . " O, he! Ini? Wayesesondele eSiphiweni sikaNkulunkulu ngendlela efanele.

136 Futhi uma usondela kuMoya oNgcwele, iSipho sikaNkulunkulu, ngendlela efanele, angeke nje uthole imvuthuluka kuphela, uzothola ipuleti eligcwele, uma nje uzosondela kuSo ngendlela efanele. Yinye kuphela indlela yokusondela kuSo, lokho akusikho ukuthatha incwadi yakho usuka ebandleni elilodwa uye kwelinye, lokho akusikho ukugijima usuka ehlelweni elilodwa uye kwelinye, lokho akusikho okwe, niyabo, ukuphindaphinda okubizwa ngesivumokholo, noma, "isivumokholo sabaphostoli." Akusona isivumokholo sabaphostoli.

137 Futhi uma uzophindaphinda isivumokholo esifanele somphostoli, kuzolunga, *iZenzo* ziyakutshela ukuthi kwenziwa kanjani: "UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, wathi, 'Phenduka,'" nakho lapho okhona, "'phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukeliswa iSiphiwo sikaMoya oNgcwele.'" Leso isivumokholo, yileyondlela yokukwenza. Yebo, mnumzane.

138 Wayenakho ngaleyonkathi, wayenakho ngokufanele. Wayesondela eSiphiweni ngendlela elungile. Futhi uma uzosondela kuSo ngendlela efanayo, "Phendukani futhi nibhaphathizwe," khona-ke uqinisekile ukuthola uMoya oNgcwele, ngoba uNkulunkulu wakwethembisa (Kunjalo impela.) ngeZwi elinegunya.

139 Wena uthi, "Ngani, uChristopher oNgcwele u *S'bani-bani* wathi *us'bani-bani*, noDwight Moody omkhulu . . . " Amadoda amakhulu, angisho ukuthi ayengenjalo, kodwa awagunyaziwe. Uma be . . . Linye kuphela iGunya, futhi lelo yileliBhayibheli.

140 Uthi, "Ngani, ibandla likaWesley lenza nga*le*ndlela, futhi bayafafaza esikhundleni sokubhaphathiza," zonke lezi ezinye izinto abazixubanise zonke. Uthi, "Ngani, babengabantu abakhulu." Angindaba, ngikholwa ukuthi babenjalo, futhi. Ngikholwa ukuthi babengabantu abakhulu, nabo, kodwa ba . . . abanalo ilungelo eligunyaziwe lokwenza lokho, ngokuba iBhayibheli lathi, "Noma ubani oyosusa iZwi elilodwa kuLokhu noma enezele noma yini kuLo, okufanayo kwesabelo sakhe kuyosuswa eNcwadini yokuPhila." *Leli* yiZwi, *Leli* yiQiniso.

141 "Awu, ngiyazi, kodwa niyabo, sifundisiwe, futhi abelusi bethu benze *ukuthi-nokuthi*, banemfundo *enjalo*, futhi balifundile iBhayibheli, bafunde wonke umlando, futhi basho ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule." Kodwa uNkulunkulu wathi akunjalo, uJesu wathi, "Okholwa yiMi,

imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza; nemisebenzi emikhulu."

142 Omunye wathi, "O, impela, senza imisebenzi emikhulu ngoba sinenhlangano enkulu kunaleyo Ayenayo. Sinenkulu ngokwedlulele. . . sisendleleni yonke emhlabeni jikelele." Yima kancane, ngaphambi kokuthi wenze lokho, yenza imisebenzi Ayenza kuqala, futhi khona-ke ungenza emikhulu. Wathi yenza imisebenzi yaKhe kuqala, bese-ke uya ngokuba mkhulu. Uma uzothatha ukuhunyushwa kwalokho kwelasekuqaleni, alishongo ukuthi, "emikhulu," lathi, "eminingi." Imisebenzi efanayo neminingi, yonke indlela emhlabeni jikelele, khona-ke ukuthole kahle. Ya. Kodwa nakho-ke, igama elingagunyaziwe.

143 Omunye wangibuza ngolunye usuku, wathi, "Ngani, Mfowethu Branham, awukholelwa esihlanzweni na?"

Ngathi, "Impela, ngiyakholelwa esihlanzweni."

Wathi, "Awu, kuhle," wathi, "kuhle lokho." Wathi, "Uyazi. . . "

144 Ngathi, "Kodwa angikholwa ukuthi emva kokuba usufile umpristi othile ukuthi akukhulekele uphume kukho, noma umshumayeli othize." Ngathi, "Ngiyakholelwa esihlanzweni, impela, ukuhlanza umphefumulo wakho, kodwa siyakwenza lokho manje. Uma senza okuthile okungalungile, asehle futhi sibe nesihlanzo, sithi, 'Nkulunkulu, ngihlanze, khipha into kimi, ngihlanze, ngigeze, ngenze ngibe musha.'" Ngiyakholelwa ekuhlanzeni umphefumulo wami. Yebo, mnumzane, ngiyakwenza lokho nsuku zonke, ngisesihlanzweni nsuku zonke-ke, niyabo, ngakho ngihlanza nje umphefumulo wami nsuku zonke phambi kukaNkulunkulu.

"Awu," wathi, "U-Andreya oNgcwele, no*S'bani-bani* oNgcwele, noFrancis oNgcwele, nabo bonke laba abanye, ba bel-. . . "

Ngathi, "Lokho kungahle kube kahle."

"Futhi niyamazi u*S'bani-bani* oNgcwele, uCecilia oNgcwele, bona. . . "

145 Ngathi, "Lokho kungahle kube ngokulungile, futhi, angikusho lokho." Awu, wena uthi. . . Ngathi, "Yingakho unezincwadi ezingamakhulu ayisithupha ezahlukene ongahamba kuzo, awazi ukuthi umi kuphi, kodwa lelo yizwi elingagunyaziwe." Ngamtshela ukuthi ngangingakholelwa ekunxuseleni abangcwele.

Wathi, "Kodwa u*S'bani-bani* oNgcwele wathi. . . "

146 "Kodwa," ngathi, "UPetru wathi, 'Akakho omunye umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, kuphela lowoMuntu uKristu Jesu.' Wayenegunya, labobaphostoli babenegunya."

Siphikisana ngombhaphathizo, ngathi, "*Ba*thini ngawo na?" Kulungile. "Niyabona ukuthi *ba*thini, abanye uyizwi elingagunyaziwe, yiZwi *Leli*."

147 Uma uneZwi likaNkulunkulu, uma okwethu . . . uma—uma—uma sineZwi likaNkulunkulu futhi sazi ukuthi LiyiQiniso, singaphikelela kakhulu, mfowethu, futhi siqhubeke singene ngqo ngoba uNkulunkulu washo njalo. Yingalesosizathu ukuthi bengihlala ngencike kuLokho, futhi angizingeneli ngesingami, ngiyahamba uma Engitshela. Ngihlala neZwi laKhe ngqo, angiyi kwesokudla noma kwesokunxele, ngihlala naLo ngqo, futhi yingalesosizathu Ekubusisa.

148 Hlala naLo, akunandaba ukuthi udeveli uzama kanjani ukuphonsa yonke into phambi kwakho, uthi, "Uzokhishwa ebandleni lakho uma wenza *lokhu*." Hlala naLo, uNkulunkulu wakuthembisa, LiyiZwi laKhe. Amen. Hlala naLo, LiyiZwi eligunyaziwe, iZwi likaNkulunkulu eligunyaziwe. Kunjalo.

149 Washo kuleloBandla, "Noma ubani eningamthethelela izono zakhe, sithethelelwe; noma ubani isono enisibambayo . . ." Kodwa hlobo luni lweBandla okwaKuyilo na? Ngifisa sengathi besingashumayela ngalokho isikhashana ngesinye isikhathi. Kulungile. Ngeke manje.

150 "Ngenxa yalesisisho," imvuthuluka, "o, hamba uyofuna umtwana wakho manje." Manje, Akazange ahambe ayomkhulekela, Wavele wakusho, futhi yilokho kuphela ayefuna ukukwazi.

Sengiyambona ethi, "NgiyaKubonga, Nkosi yami. Malibongwe iGama laKho eliNgcwele."

Ebuyela emuva ngqo, bonke labo bagxeki bemi emgwaqeni, "Heyi, utholeni na?"

"Indodakazi yami isiphulukisiwe."

"Wazi kanjani na? Ibiphethwe isithuthwane ngenkathi ngisuka lapho."

"Lokho akwenzi nomnci umehluko, ngikutholile."

"Ngani?"

"Washo njalo." Amen, amen.

Wahlangana nomelusi kankulunkulukazi wakhe ezansi lapho, futhi wathi, "Ngani, uyazi ukuthini? Nginencwadi yakho ebhaliwe."

"Ngizokuphephisela inkathazo, ungalokothi uyilethe kimi, vele uyiphonse emlilweni, empeleni."

"Ngani na?"

151 "Ngisendleleni yami, ngisitholile isicelo sami, indodakazi yami iphulukisiwe." Amen. Khumbulani, wayengoweZizwe wokuqala isimangaliso esake senziwa kuye, nguJesu Kristu. Ya. Ukukholwa kuvuma ukuthi iZwi liqinisile.

Manje, sifanele sisheshe, ngoba sekuzoba leyithi, futhi asifuni ukuhlala lapha isikhathi eside kakhulu. O, sekuba mnandi nje manje. Amen.

152 UMarta, eBukhoneni bukaJesu, nomfowabo ofile, wayelifundile iZwi, ukuthi owesifazane waseShunemi waya kanjani ku-Eliya. Lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu. Niyakukholwa lokho na? Niyakholwa ukuthi u-Eliya wayeyiZwi laKhe na? IBhayibheli lathi, "IZwi leNkosi leza kubaprofethi." Futhi Lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu, ngakho kwathi nje lapho angafika eZwini, wathola induduzo. Kunjalo.

153 Futhi uMarta, wayazi ukuthi uJesu wayeyileloZwi, futhi wafinyelela eZwini ukuze athole induduzo. Wayephikelele. Mhlawumbe ngenkathi ehla ngomgwaqo, abanye babo bathi, "Ehhe, manje usethe nyelele wabuyela edolobheni selokhu umfowenu efile, lowo obukholelwa kuye." Kodwa wayephikelele, waqhubeka wahamba wehla ngqo.

154 Lapho efika kuYe, akazange aMthethise, wathi, "Nkosi, ukube Ubulapha, umnewethu nga engafanga. Kepha nakalokhu," (O, mfowethu!) "nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika yona." Lokho ukuphikelela, mfowethu.

Wathi, "O, impela, umnewenu uyophinde avuke."

Wathi, "Yebo, Nkosi, ngiyakukholwa lokho, ubengumfana olungileyo, uyovuka ekuvukeni okukhulu, usuku lokugcina."

155 UJesu wathi, "Kodwa Mina ngingukuVuka, nokuPhila." Amen. "Okholwa yiMi, noma efile, wophila." Wabona ukuthi wayephikelela.

156 Njengoba u-Eliya wabona owesifazane waseShunemi, wathi, "Njengoba umphefumulo wakho ungafi, futhi, angi—ngizukukushiya. Ngizohlala lapha ngize ngithole ukuthi iyini intando kaNkulunkulu."

157 O, mfowethu, uma nje ungathatha leloBhayibheli futhi uhlale phansi futhi ubone ukuthi isivumokholo sakho siqinisile yini, uma nje uzobona ukuthi uMoya oNgcwele uqinisile yini, funda nje eBhayibhelini, futhi uphikelele, ubambelele kulesosithembiso lapho usithola. Uyakholelwa ekuphulukiseni na? Bambelela kulesosithembiso. Phikelela, yiba ngumKristu wangempela. Yebo, mnumzane. Impela, phikelela.

158 Lapho uPetru esefundisiwe, ngoyise. . .Ngizoshiya uhlelo lwami olujwayelekile lomBhalo lapha, ngizophinda ngisho into ethize futhi, ngoba sekuba leyithi.

159 Ngenkathi uPetru esezwile, ngoyise. . .USimoni, akungabazeki yena no-Andreya phandle emikhunjini lapho izikhathi eziningi noyise, ikhehla elimpunga lalifa, lathi, "Ndodana, bengihlala ngifuna-. . .ngakholwa ukuthi ngiyophila ukuze ngibone uMesiya. Kodwa kuzoba nokukhononda

okukhulu ngaKho, niyazi, njengoba kuhlala kunjalo nje lapho uNkulunkulu enza okuthize. Kuyoba khona *lokhu*, *lokho*, o*kunye*. Kodwa ngizokutshela, ungathathi noma yibuphi obunye ubufakazi ngaphandle kobufakazi bethu obungokomBhalo, ngokuba iBhayibheli lasho ukuthi 'INkosi uNkulunkulu wethu uyosivusela umProfethi ofana noMose, nalowomProfethi sifanele sizwe.' Futhi siyazi ukuthi lowoMesiya uzoba yini."

160 Futhi ngenkathi uPetru ekhuphukela lapho, ethi ukungabaza kancane, ngoba u-Andreya wadingeka ayomlanda. . . Futhi ngakho, lapho ehamba futhi wamthola, wathi, "Woza, woza ngapha, kulobubusuku, uMlalele imizuzu embalwa."

161 Futhi ngenkathi uPetru ekhuphuka, engena eBukhoneni baKhe, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona." Hhe! Ukhuluma ngokuphikelela! Wayephikelele kakhulu waze wathi uJesu, "Uyidwala. Yebo, mnumzane. Ngempela uzohlala endleleni. Ngizokunika izihluthulelo eMbusweni, futhi noma yini oyibopha emhlabeni iyoboshwa; oyikhulula eZulwini iyokhululwa. Futhi noma yini oyikhululayo noma oyibophayo eZulwini nasemhla-. . . Ngiyokwenza eZulwini njengoba ukwenza emhlabeni." Ukuphikelela? Ngingathi wayephikelela. Yebo, mnumzane. Wayenesineke. Yebo, mnumzane. Kulungile.

162 UFiliphu wayemi lapho futhi wakubona lokho, wayenesineke kakhulu, kakhulu waze waminyanisa komunye wabangane bakhe behlelo futhi wathi, wamncenga ukuba eze ezozibonela, ephikelela kakhulu, impela.

163 Owesifazane emthonjeni, wayephandle lapho, enodumo olubi, esesimweni esibi, kwathi ngelinye ilanga lapho uJesu ekhuphukela emthonjeni futhi wambona emi lapho, futhi wacela amanzi, futhi waMthethisa, wathi, "Ngani, UngumJuda, futhi Ungicela into enjalo na?" Wathi, "Ngani, Wazi kahle kamhlophe Wena, esencane, iNdoda engumJuda, awunamsebenzi wokungicela, owesifazane ongumSamariya, into enjalo. Asinakho ukusebenzelana omunye komunye. Awazi ukuthi kukhona ukwehlukana na? Uvelaphi empeleni na?" Niyabo? "Ungangiceli into enjalo."

Wambuka ebusweni futhi wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi ukhuluma noBani, ubuyocela kiMi amanzi."

164 O, ukuphikelela? Wayazi lapho Ayemi khona, futhi, Wayengazi na? UBaba wayeMthumele phezulu lapho, niyazi. Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya ngenkathi Efika eSikari. Kwase kuthi-ke, ngenkathi Emi lapho, futhi siMbona ema lapho, ephikelela kakhulu, Akazange akuthathe ukuthuka kwakhe.

Futhi waMbheka, futhi Waqala lokho... Wathi, "Kungani, sikhuleka kulentaba, futhi nithi eJerusalema." Nengxoxo yaqhubeka.

Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho."

Wathi, "Awu, anginayo. Ungibuzelani into enjengaleyo na?"

Wathi, "Ushilo, ukhulume iqiniso. Ubunayisihlanu, nalena ohlala nayo manje akuyona eyakho."

165 O, mfowethu, lokho kwashintsha izinto. Wama, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Manje, besingenaye oyedwa wabo amakhulu amaningi eminyaka. Kodwa siyafundiswa ukuthi sizothola uMesiya, futhi lapho lowoMesiya efika, Uyoba ngumProfethi."

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe." O, ingabe wathola ukuphikelela! Wathola ukuba nesineke.

166 Manje, khumbulani, uma noma ubani ewazi amasiko asempumalanga, owesifazane walolodumo akanamsebenzi wokutshela amadoda lutho. Kunjalo. Qhabo, mnumzane, angeke ngisho bamlalele. Owesifazane onodumo olubi, ehla ngomgwaqo, ephawulwe ngodumo olubi, amadoda angeke azihlanganise naye, kunjalo, iphimbo lakhe aliyitho.

167 Kodwa, mfowethu, waphikelela ngokwesabekayo, wathola umpristi futhi wabathola bonke, wayezimisele ukuthi babezokwazi. Wathi, "Bheka," ngamanye amazwi, "Hlolani imiBhalo yenu, iNdoda ingitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya Lona na?" Thulisa iphimbo lakhe uma ubungakwazi, ubungeke ukwenze, wayephikelela, "Lowo nguMesiya. Nalo ithuba lethu, Lowo nguYe ebesimlindile, futhi nango Emile."

168 Futhi ngalokho kuphikelela okukhulu kakhulu kowesifazane, ngisho nabantu emzini bakholelwa kukho. Akashongo ukuthi, "Manje, wozani ningitshele ukuthini... NginguBani? Ngavelaphi?" Abakukholwanga lokho, ukuphikelela kwalowo wesifazane kwafakazela ukuthi WayenguMesiya. Futhi iBhayibheli lathi, "Nabantu bakulowomuzi bakholwa nguYe ngenxa yobufakazi bowesifazane." Wokhela umlilo. O, he!

169 Sengiyabona owesifazane omdadlana phandle emgwaqeni, futhi wayenze okungalungile, wayenze konke okungalungile ekhalendeni, futhi into yokuqala niyazi, uyadiyazela ungena emishini endadlana ndawana thile, nopende nezimonyo ebusweni bakhe bonke, futhi ehlezi phezulu lapho ebuka, ethi, "Angifanele ukuba kulendawo."

170 Into yokuqala niyazi uMoya oNgcwele wathi, "Ngikukhethile." O, misa ubufakazi bakhe kanye! O, mfowethu, uyaphikelela kakhulu! Angahle angenzi... Indoda yomshwalensi ifika emnyango, angebise ikhanda

phansi enamahloni, angene emnyango, ngakusasa anganikeza ubufakazi obuzonyakazisa amatshana aphume phezu kwendlu. Yebo . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Uyaphikelela, mfowethu, uyazi ukuthi ushaye iNto efanele. Yilokho-ke, phikelela, ungayeki.

171 UJohane umBhaphathizi wayephikelela, wayazi. Kungikhumbuza u-Tommy Nickel. Angicabangi ukuthi ulapha nathi, ukhona na? Ungumfowethu omdadlana omuhle, ngingavele ngiqhoshe ngaye kakhulu manje. Futhi wayenathi ngobunye ubusuku.

172 Ngaba nombono wokuba seNkazimulweni futhi ngabuya, futhi uTommy akazange ancenge, ngisho nakulelophephabhuku lamazwe ngamazwe, wakufaka lapho ngendlela nje okwakuyiyo. Abaningi benu bakufunda. Nokushuthekiwe okuncane phansi emakhasini, nakufunda lokho na? Ukhulume ngenkonzo yezinsuku ezedlule, futhi wathi uNkulunkulu useke wangisebenzisa izikhathi eziningi, futhi kwafakazelwa ngokusobala ukuthi, ukuthi Wavusa abafileyo, nalokho ababenakho, ubufakazi, sinabo, baphansi eMexico ngobunye ubusuku kungekudala.

173 Nganginomhlangano eDolobheni laseMexico, futhi sasikuleyo nkundla enkulu phandle lapho, nezinkulungwane zabantu zazimile, ngase nje ngibe nobusuku obuthathu noma obune. Futhi obubodwa . . . Ubusuku besibili lapho . . . Ubusuku bokuqala, ngavele ngafundisa abantu. Bonke babemi lapho, abampofu, bengenazihlalo zokuhlala phansi, bemile nje phakathi nenkundla, futhi ndawondawo cishe izinkulungwane ezingamashumi amabili noma ezingamashumi amathathu zabo. Futhi ngiqala ukukhuluma kubo ngeNkosi uJesu, nangomusa waYo omkhulu, nomusa waKhe kubantu, futhi ngibanika ubufakazi ngalokho Ayekwenzile.

174 Futhi ngobusuku besibili sehla ukuyobakhulekela. Ngaphesheya kwe-altare kufika indoda endala yaseMexico, eyimpumputhe, ingafake zicathulo, izinyawo zayo ezithothombele ezindala nakho konke, futhi indlela eyayibukeka ngayo, ngacabanga ngayo, futhi ngacabanga . . .

175 Lapha esikhathini esingeside esedlule ngenkathi lesisibhamu esikhulu siqhumela kimi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . Lokho okwakuyikho, kwakuyiWinchester eguquliwe yaba iWeatherby Magnum. Ngicabanga ukuthi indoda enginika yona ihlezi khona lapha manje. Futhi yona . . .

176 Ngangihlale ngifuna i-Weatherby Magnum. Angilidlali neze igalofu, futhi ngiphume nalesosigejane sabesifazane nezinto phandle lapho, UNkulunkulu ungipha umdlalo: ukuzingela nokudoba. Futhi ngangihlala ngiyithanda i-Weatherby Magnum, zinhle, futhi ngangiyifuna, kodwa zibiza kakhulu.

Nginabangane ababengangithengela zona, njengoba ngasho ngobunye ubusuku, "Ngingayivumela kanjani indoda ukuthi ingithengele i-Weatherby Magnum ngamakhulu amadola, futhi nginabangane abayizithunywa zenkolo abangenazo ngisho izicathulo ezinyaweni zabo?" Qhabo, mnumzane.

177 Nalabo baseMexico abadlana abampofu ezansi lapho, lutho, izinyawo ezindala ezithothombele, futhi igqoke ijazi elidala, futhi limanikiniki lonke, futhi mhlawumbe ayikaze ibe nokudla okuhle okuhloniphekile empilweni yayo, nezingane ezine noma ezinhlanu ekhaya, futhi-ke ngaphandle kwalokho yayiyimpumputhe. Bengizoyinika ijazi lami, bengizoyinika izicathulo zami, noma yini, yayiyindoda enkulu kakhulu, kodwa ngiyinika uthando lwami. Ngayigaxa ngengalo futhi ngayikhulekela, futhi uNkulunkulu wavula amehlo ayo khona lapho emsamo, iyagijima iyehla iyenyuka idabula lapho imemeza kakhulu.

178 Owesifazane omdadlana waseMexico . . . Lokho kwangena eMexico, kulo lonke idolobha, ngakusasa kwakukhona inqwaba yezingubo ezibanzi kakhulu kunalezi *lapha*, zinqwabelane phezulu *kangako*, yamatshali amadala nje nezigqoko, abantu bezama ukuthola ukuphulukiswa.

179 Owesifazane omncane waseMexico ngalokhokusa wayisa ingane yakhe kudokotela, isicishe ingaphefumuli, inyumoniya yaminyanisa emaphashini ayo. Ngenkathi esesehhovisi, ingane encane yanqamuka ukuphefumula, udokotela wayifaka iPulmotor, ayikwazanga ukuyibuyisa, yayisifile, ngelesishiyagalolunye nqo ngalokhokusa. Watshela umama, wathi, "Siyibuyisela emuva . . . "

180 Wathi, "Qhabo, ngizoyigcina ingane." Futhi wayibeka ezingalweni zakhe wagijima waya ekhaya, waya kumakhelwane wakhe futhi wathi, "Awushongo yini ukuthi omunye wabantu bakithi uthole ukubona kwakhe izolo ebusuku, laphayana na?" WayengumKatolika, wathi, "Awuzange, usho ukuthi enye yamadoda ethu ithole ukubona kwayo ngale kulowomsamo na?" Wathi, "Ngithatha ingane yami."

181 Nango ehamba naleyongane emvuleni, wahamba ligamenxe ihora lesishiyagalolunye, ngeleshumi nqo ngalokhokusa, futhi wama lapho kwaze kwaba sekugamenxe ihora leshumi ngalobobusuku, ngaphambi kokuba ngize ngingene. Futhi lina, labobantu baseMexico abampofu bemi lapho, labo besifazane, izinwele zabo ziphansi ebusweni babo, bemi lapho kuleyomvula, bewa ngobuso babo.

182 UMfowethu Jack Moore, nabaningi babazalwane, siyehla, kwakukhona abaningi kakhulu kuleyonkundla kwadingeka bangithathe, futhi bangigibeze ilada ngaphandle, futhi bangigaxe ngentambo ezingalweni zami, futhi bangehlise,

ukuze ngifike emsamo ngemuva kwayo, abantu abaningi kakhulu nxazonke.

183 Futhi ngasukuma lapho ngase ngiqala ukukhuluma. Lapho ngiqala nje ukukhuluma, futhi, ngezwa isiyaluyalu esesabekayo ngakwesokudla sami, ngacabanga, "Yini leyo?" Futhi ngazama ukushumayela, futhi kwakukhona isiyaluyalu esesabekayo futhi.

184 Futhi uBilly uza kimi, umfana wami, wathi, "Babayi, nginikeze uMfowethu Espinoza lawo makhadi omkhuleko, futhi uwanikezelile..." Angazi, ngangimbiza ngo "Mañana," wayenza kancane kakhulu. Futhi mina...Wathi, "Uyabanika...Futhi ukhipha amakhadi omkhuleko, nalowo wesifazane omncane laphaya ufuna ikhadi lomkhuleko lengane yakhe efile." Wathi, "Babayi, ubekade emi lapha usuku lonke kuleyomvula."

185 Wathi, "Asikwazi nje ukumbamba." Wathi, "Sinabacishe babeyikhulu namashumi amahlanu, abangenisi abangamakhulu amabili abami lapho, futhi uvele adabule ngqo kubo." Futhi wathi, "Sesimjukujele kathathu noma kane simsusa emsamo." Futhi wathi, "Asikwazi kwenza lutho nje ngaye."

186 Ngathi, "Mfowethu Moore, hamba futhi umkhulekele, akazi ukuthi ubani ongubani, vele uqhubeke nje." Owesifazane omdadlana waseMexico, mina...Wayengonomoya omuhle, omuhle, owesifazane omncane cishe, umfo omncane, futhi wayebukeka sengathi uneminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala, mhlawumbe ingane yakhe yokuqala. Futhi ngakho, uMfowethu Jack waqala ukuhamba eya lapho.

187 Futhi ngathi, "Ngangikhuluma ngeNkosi yethu," ngase ngibuka ngaphandle, ngase ngibona obuncane, ubuso obumnyama, ingane yaseMexico imi phambi kwami, ingenamazinyo, ibhibhidla nje futhi ihleka. Nga—ngaphinda ngabheka, ngathi, "Linda kancane, Mfowethu Moore. Mtshele alethe ingane lapha."

188 Base bevula umugqa. Lapho i-...UMfowethu Espinoza, abaningi benu bazalwane bayamazi, nina bazalwane be-Assembly of God. Waye...Yilapho avela khona. Benza... wavula umugqa. Nangu lona wesifazane omncane eza egijimela phezulu lapho, futhi wawa ngamadolo, ethi, "Padre! Padre!"

Ngathi, "Phakama, sukuma." Futhi wayenobuhlalu esandleni sakhe, ngathi, "Bususe nje."

Ngathi, "Yini inkinga na?"

189 UMfowethu Espinoza wahumusha, ingane yakhe yayifile, futhi wayemi lapho ekhala, izinyembezi, amehlo akhe amancane evuvukele, umama omncane. Wayenayo ilele ngaphansi kwengubo yokulala encane, encane, ingubo yokulala ebukeka iluhlaza okwesibhakabhaka ilengela phansi, kwakukhona

ingane encane efile, yayiqinile, wawubona ukuthi izingalo zayo ezincane nezinto zilele, ziqinile, yayikade ifile kusukela ngalokhokusa.

Ngathi, "Manje, Mfowethu Espinoza, ungakuhumushi lokhu," ngathi, "ngumbono engisanda kuwubona."

Wathi, "Ini?"

Ngathi, "Umbono. Ungasho lutho. Angikhuleke."

190 Ngathi, "Baba waseZulwini, A—angazi ukuthi kusho ukuthini lokhu, kodwa bengibuka laphaya, futhi phambi kwamehlo ami kufika i—ingane encane ebibukeka icishe ibe yilosayizi." Ngathi, "Ngizobeka izandla zami phezu kwesayo esincane, isimo esifile." Futhi cishe ngalesosikhathi yaqala ukukhahlela nokudazuluka, ngamandla onke, *kanjalo*. Ngathi, "Mfowethu Espinoza, yana kudokotela wakhe, uthole isitatimende esibhaliwe." Wahamba.

191 Ngani? Wayephikelela. Ngani? Wayengenandaba ukuthi ibandla lalithini, noma ngabe wayexoshiwe, ukuthi kwakuyini. Uma indoda eyimpumputhe ingemukela ukubona kwayo, ingane yayo . . . Akekho umuntu owayengabuyisela ukubona kwempumputhe, noma ubani uyakwazi lokho. Njengoba, ngisho nabaFarisi bathi, "Ubani ongabuyisela ukubona kwempumputhe, ngaphandle kukaNkulunkulu kuphela?" Ayikho indoda ebingenza lokho, futhi wayekwazi lokho, futhi wayazi uma uNkulunkulu wayelapha emhlabeni emandleni enele ukunika indoda eyimpumputhe ukubona kwayo, WayenguNkulunkulu ofanayo owayengavusa abafileyo, nokho.

192 Wayephikelela, wahlala usuku lonke. Abangcwabi bebiza ingane yakhe, wahlala usuku lonke empeleni, abangenisi bezama ukumvimba ukuba angangeni emgqeni, futhi wahlala noma kanjani, wenqaba yonke indlela, kodwa wahlala. Ngani? Waba nesineke. Ngani? Ukukholwa kwathola ukubamba. Ukukholwa kwathi, "Kunjalo." Futhi ukuKholwa akwazi bunzima, ukukholwa akwazi kwehlulwa. Futhi lapho unokukholwa, unesineke.

Asikhuleke umzuzu. Bangaki abafuna isineke na?

193 Baba wethu waseZulwini, ngiyakholwa, Nkosi, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi uma nje abantu bebengaqonda . . . Ngikholwa ukuthi bangabantu abalungile, ngikholwa ukuthi bangabantu baKho, ngiyazi bayibo, bayaKuthanda, bedlulile ekufeni bangena ekuPhileni, kodwa khona emiqondweni yabo nguSathane, ngaso sonke isikhathi, ezama ukucaphuna ngokungesikho into ethize kubo, ezama uku—ukususa eZwini likaNkulunkulu. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzomkhuza. Siphe khona, Nkulunkulu. UMoya waKho oNgcwele mawuze phezu kwalezizethameli, khona manje.

194 Banakho, akungabazeki, ukuthi ingxenye enkulu yalababantu phakathi lapha, namuhla, izizwele uBukhona baKho, bayakholwa, kodwa mabaqonde ukuthi banomvimbeli futhi, futhi leso yisitha, singahle sikhulume ngabangane abayigugu, kodwa nokho iZwi laKho liyafana. Wena—wena . . . Ubungayivusa kanjani leyongane efile yalowo wesifazane waseMexico, ngoba wayenokukholwa, futhi ubengeke ayivuse ingane yomunye umuntu na? Ubungayiphulukisa kanjani indoda eyimpumputhe ebingaboni, ngaphandle uma Ubungaphulukisa enye indoda eyimpumputhe na? Kodwa okuyikho, abaningi babo bayamiswa.

195 Abanye babo banesineke, bavele baqhubeke noma kanjani, akunandaba ukuthi kuyini, njengowesifazane omncane waseSirofenike esikhulume ngaye kulentambama, owama phambi kwaKho. Wavele wamtshela, "Hamba, udeveli umshiyile." Yilokho kuphela ayefuna ukukwazi.

196 Manje, Awudingi ukuba uze phakathi kwethu ukusho lokho manje, Baba, ngoba Usuvele ukushilo, "Konke enikufisayo, nxa nikhuleka, kholwani nje ukuthi niyakwemukela, futhi niyakuba nakho." Siyazi ukuthi lelo yiZwi laKho. Manje, uma sicela noma yini, khona-ke sifanele sibe nesineke emva kwalokho, sifanele sazi ukuthi kungokwethu, Usinike khona, Angeke uqambe amanga, UnguNkulunkulu. Uma Ukunika abanye, kungani Ungasiniki khona na?

197 Khona-ke siyacela, siyakwamukela, Washo njalo, "Ngqongqozani, futhi kuyakuvulwa; funani, niyakufumana; celani, futhi niyakuphiwa." Awu, Nkulunkulu, isithembiso emva kwesithembiso Osinike sona, "Uma nomaphi lapho kubuthene ababili noma ngaphezulu eGameni laMi, futhi beyocela utho, bayakunikwa." Manje, Wakwethembisa lokho, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu, akunandaba ukuthi umhlangano mncane kangakanani, Ngiyakuba phakathi kwabo." Manje, Wakwethembisa, Nkosi, lokho—lokho yisethembiso saKho uQobo, lelo yiZwi laKho uQobo, ngiyalikholwa.

198 Ngiyakukholwa lokho, njengoba nje Ubumi khona lapha, phambi kwethu namhlanje, wehla ngemihubhe yaseZulwini futhi uhambe lapha, futhi wathi, "Ngiphakathi kwenu ngoba nibuthene ndawonye." Awu, ukukholwa kwami kungitshela ukuthi Ulapha noma kanjani, ngakho U—Ulapha ngendlela efanayo Obuyoba ngayo uma sizwe iPhimbo laKho elizwakalayo, *Nali* iPhimbo laKho ephepheni, iSithembiso saKho, futhi Ngesethu. Ulivikele leliZwi elibusisiwe kwehle kudabule ekuchithekeni kwegazi, iminyaka ngeminyaka, kodwa noma kunjalo Lihlala likhona, ngoba Wathi amaZulu nomhlaba kuyodlula, kodwa iZwi laKho alisoze.

199 Ngiyakhuleka, Baba, manje, ukuthi abantu bazoqonda

ukuthi iZwi laKho liyilokho eLiyikho. NguNkulunkulu, futhi Liphakathi kwethu. Lilapha manje, uNkulunkulu ophilayo oneZwi eliphilayo ukuba azise wonke umuntu ngezindebe zomshumayeli, ngezindebe zo—zomprofethi, ngezindebe zomfundisi, ngezindebe zesithunywa senkolo, ngani, Ulapha, Nkulunkulu, futhi siyakuzwa futhi siyazi ukuthi kunjalo, saseke siKuzwa.

200 Futhi sibheka emuva futhi sibone lapho esake sagwedwa sakhishwa e—esigaxeni esilukhuni sesono, futhi manje siphakanyiselwe phezulu. Lapho izibusiso zingeke zifike kithi *lapho*, manje sinaso. Sake saba yizimpumputhe, manje sesiyabona; sake saba ndikindiki, manje sesinemizwa; sake safa, manje siyaphila. Isiqiniseko sanoma yini esiyifisayo, zonke izinto zingezethu. Siyatshelwa ukuthi, eBhayibhelini, ukuthi manje sinezinto zonke, futhi zonke izinto zingezethu.

201 Busisa abantu baKho, kulentambama, Baba. Uma kukhona isoni lapha, Baba, ngikhulekela ukuthi Ubasindise manje nje. Kwangathi bangeza, enhliziyweni yabo, kwangathi leyonhliziyo ingaba yi-altare lalapho umphefumulo wabo uphumula khona, futhi kwangathi bangabeka ukungakholwa kwabo phezu kwe-altare lenhliziyo yabo futhi bathi, "Nkulunkulu, kusukela kulolusuku kuqhubeke, ngizoKukholwa."

202 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, futhi emkhulekweni, ngiyamangala nje ukuthi bangaki phakathi lapha abazizwa ngaleyondlela, "Nkosi, khipha ukungakholwa enhliziyweni yami." Ungaba yilungu lebandla, ungethembeka, kodwa noma kunjalo kukhona iZwi olishoyo, "Ngiyangabaza ukuthi kunjalo," useyisoni.

203 Uma ukuhlanekezela okukodwa okuncane kweZwi likaNkulunkulu ku-Eva kwabangela konke lokhu kufa, usizi, amathuna, ukugula, ukuguga. . . Yingoba nje. . . hhayi. . . Konke kwakuyiqiniso, kodwa kulungile. . . into eyodwa encane nje yayingalungile, futhi u-Eva wakukholwa lokho. Ungahle ukholwe amashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye nezigidi ezingamshumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye eBhayibheli, nalokho kungakholwa okuyisigidi, usalokhu uyisoni. Lowo othathe abantu e-Edene, leso sigidi esisodwa ngeke sikwenze uphinde ungene. Uyazi uma okuyisigidi kukuxoshile, okuyisigidi ngeke kukwenze ukuthi ubuye ngemva kokuba isijeziso esinjalo ekuhlupheken i sesikhokhiwe.

204 Ngeke ukholwe manje ngenhliziyo yakho yonke na? Phakamisa isandla sakho futhi uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi," uma ufuna ukukholwa kanjalo. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Ubona-. . .

205 Yiba qotho manje. Awudingi ukukhuphukela lapha ngase-altare, UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade." Lokho

kuyakuxazulula. Kuphakathi kokuthi uyakholwa noma awukholwa. Uma ukukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke, wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Manje usodwendweni olukhulayo, usenkundleni efanele manje, ungaqhubeka nokukhula, kusukela ekulungisisweni, kuya ekungcwelisweni, kuya embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, kuqhubekele ekukhazimulisweni. "Ngokuba akakho umuntu ongaphakamisa isandla sakhe, ngaphandle uma uBaba waMi embizile. Futhi konke uBaba aNginike khona kuyakuza. Futhi labo Ayebazi ngaphambili Ubabizile, futhi labo Ababizile Ubalungisisile, futhi labo Abalungisisile, Ubakhazimulisile." Ngicaphuna umBhalo, iZwi laKhe. Kunjalo.

206 Kukholweni manje, yibani nokuPhila okuPhakade. Kholwani futhi niphile; ungabaze: ufe. Ngakho yibani nokuPhila okuPhakade futhi nikholwe eNkosini uJesu Kristu. Nomaphi lapho ophakamise khona isandla sakho . . .

[Udade ukhuluma ngezilimi futhi uyahumusha—Umhl.]

207 Amen. Yibani nenhlonipho, wonke umuntu manje. Nje, malibusiswe iGama leNkosi. Mkholwe ngenhliziyo yakho yonke. Ngenkathi nisenza izinqumo zenu enhliziyweni yenu emva kwalokho, kholwani ngenhliziyo yenu yonke manje, vumani konke okungalungile kwenu, khona-ke ningaphikelela.

208 Abaningi lapha bangase bathi, "Angikuqondi lokho." Ngani? Ukuhumushe ngesiNgisi esicacile. Impela niyalikholwa iBhayibheli, Wethembisa lokho, ukuthi Uyothulula uMoya waKhe, "Isiyalezo siyoba phezu kwesiyalezelo; futhi umudwa phezu komudwa; lapha ingcosana nalapho ingcosana. Bambelela kulokho okuhle. Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi ngiyakukhuluma kulababantu. Futhi leli yisabatha." "Kodwa kukho konke lokho, abayikuzwa futhi bafulathela, izindlebe ezingezwa." Kholwa kuYe, phikelelani, Memukeleni manje, yibani nokukholwa kuNkulunkulu.

209 Hamba usuke lapha uye ebandleni lakho, hamba, utshele umelusi wakho ukuthi wemukele uKristu. Ibandla, ibandla leVangeli eligcwele kumakhelwane wakho, noma ngabe kukuphi, hamba ubatshele ukuthi wemukele uKristu. Cela umelusi wakho akusize, akuholele phambili ungene eMbusweni. Abaningi benu . . . Bangaki okholwayo ukuthi uKristu ukuthethelela izono zakho na? Phakamisa isandla sakho. Lokho ukungakholwa kwakho. UNkulunkulu akubusise. Ngiyabonga.

210 Manje, esikhundleni sokubiza umugqa womkhuleko, ngizoma lapha futhi ngicele uMoya oNgcwele ukuba ubize abantu kulezozethameli. Manje, yibani nenhlonipho ngempela, nizokwenza, okwemizuzu yethu embalwa elandelayo njengoba nihlezi nje, futhi nibe nenhlonipho ngempela. Angiboni noyedwa

umuntu kulesisakhiwo, ngalesisikhathi, engimaziyo. Akekho engimaziyo engimbonayo. Kodwa ngisanda kukhuluma nani.

211 Lona akuyena uMnu. Sims ovela eZion ongibhekile, khona lapha na? Qhabo, akunjalo. Qhabo, ngiyabona akunjalo. Ngifuna nje ukuba neqiniso futhi ngithole uma ubekhona . . . Akekho noyedwa engimaziyo lapha.

212 Uyakholwa ukuthi iBandla liyabumbeka lingena esimweni na? ULuther wayenendlela ebanzi kanjani, ukwamukela uKristu nje, engcosaneni ngesibalo kufika isilinganiso seMethodisti, iPentecostal iza kakhulu ngengcosana ngesibalo, iBandla liba njengoKristu kakhulu, liba njengoKristu kakhulu, namandla okuphila, futhi manje amaPentecostal azofanele azibumbe esimweni sokwamukela itshe eliyiNhloko, lifanele lilolongwe kakhulu kuze kungabi bikho umsindo wesando, noma ukubhuza kwehlelo. Sekuvele kusikiwe. Uhlelo lukaNkulunkulu. UMoya oNgcwele uyaLulolonga libe kulesosimo. Uyakholwa.

213 UJesu wethembisa ngezinsuku zokugcina imisebenzi Ayoyenza iyoba njalo futhi. Ngicaphune amaHeberu 4:12 esikhashaneni esedlule: "IZwi likaNkulunkulu," Lowo kwakunguKristu, "unguMahluleli wemicabango yenhliziyo." Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wehlukanisa imicabango yabo nokuthi yini eyayingalungile kubo ezinhliziyweni zabo, futhi wakufakazisa. Impela, uma Ebengakwenzela lokho kulentambama, ubungeke usuke lapha ungongakholwayo. Ubungaphikelela ukuba Ubengakubiza na?

214 Bangaki abagulayo endlini na? Phakamisani izandla zenu, namakhanda enu ekhotheme, nithi, "Ngifuna uNkulunkulu angikhumbule emkhulekweni," nxazonke, yonke indawo. Bangaki owaziyo ukuthi ngiyisihambi kuwe na? Phakamisani izandla zenu, owaziyo ukuthi angikwazi. Impela, kukuyo yonke nje indawo. Manje, yibani nenhlonipho, khulekani nje umzuzwana.

215 Manje ngikholelwa kukuphi na? Njengoba uSamsoni enza, wafinyelela lapho futhi wezwa lawomagoda. Ngenkathi ngimi lapha ngilungiselela ukuthi, "Abantu mabadlule nje, futhi bathole lokhu, abefundisi ezansi lapha ukuba babeke izandla kubo," kukhona okungishayile, ngibone umbono unyakaza phezu kwezethameli, khona-ke ngiyazi lawomagoda asekhona, isethembiso saKhe sisekhona. Manje, khulekani futhi nibone ukuthi Akasuye yini uNkulunkulu ofanayo. Khona-ke uma Elapha phakathi kwethu kulentambama, ungekwazi ukuphikelela ngokukholwa kwakho ukukholelwa kuNkulunkulu na? Amen.

216 Manje, khuleka nje, ucele uNkulunkulu ukuba akubusise. Yenza njengalowo wesifazane owathinta umphetho wengubo yaKhe, buka ukuthi waphikelela kanjani, wacabanga, "Uma kuphela ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda.

Ngiyakholwa. Ngiyakukholwa lokho, ukuthi LowoMuntu uyiQiniso. Akunandaba ukuthi abapristi bathini, ngikholwa ukuthi UyilowoMprofethi waseGalile, futhi ngiyakukholwa." Futhi wathi, "Uma ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda."

217 Manje, Usenguye lowomPristi oMkhulu ofanayo, iBhayibheli lasho njalo, ongathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bethu. Uma wena ngempela, ugula ngempela manje, yini ungavele nje, ngokukholwa, ubhobokele ngale kwezivimbezelo somsindo zezwe, lezozivimbizelo zomsindo ezithi, "Ayikho into enjalo. Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo." Ngeke yini ubhobokele ngale kwalokho lapho ungakhululeka futhi uthinte ingubo yaKhe na? Futhi uma Ethembisa, eBhayibhelini, ukuthi sizokwenza into efanayo Ayenza, futhi ngilethe uMlayezo oqondile kini wokuthi Unguye, khona-ke Makakusebenze, Wakwethembisa.

218 Njengowesifazane waseSirofenike nje, ngimi lapha kulentambama ngoba Ukuthembisile. Futhi uhlezi lapho, Wakwethembisa, futhi ungavumeli-develi noma ukungabaza kume endleleni yakho, futhi Uzokunikeza, Uzobhobokela ngqo kuleyomigoqo futhi akucoshe. Uyakukholwa.

219 Uma iNkosi ingakhuluma kimi futhi ingitshele, phezu kwesigejane sabafokazi, into eniyaziyo, kungaba ubufakazi obubalulekile, ubufakazi beBhayibheli ukuthi Ulapha nani. Khona-ke ningaya ekhaya futhi niphikelele, nithi, "Makabongwe uNkulunkulu"? Ningenza njengalowo wesifazane omncane waseSirofenike na? Wayazi ukuthi wayebuyela emuva, athole leyongane isikahle, yebo, mnumzane, wayazi ukuthi iyoba njalo. Yiba nokukholwa nje, kholwa manje.

220 Bengingahlosile ukwenza lokhu, ngishumayele ngenye into, niyabo. Bengizokwenza ukubizela e-altare, futhi ngenkathi ngenza ukubizela e-altare okufishane, khona-ke into ethize iye kulokhu. Asiqale ngapheseya, angiyitholi i—indawo eyodwa e—esakhiweni, ngifanele ngiqale ohlangothini olulodwa, ngizoqala kwesokudla sami futhi ngiwele kwesokunxele. Manje, ninaso isikhathi na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, khona-ke hlalani nithule umzuzu nje, wonke umuntu, ninganyakazi, yibani nenhlonipho nje, niyabo. Wena . . . ku—kuyaphazamisa, niyabo, lapho wena . . .

221 Manje, omunye phansi naphezulu kulemigqa phakathi lapha ndawondawo, kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho bese uthi, "Nkosi, ngiyakholwa ngokweqiniso ngakho konke okukimi. Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ilapha. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso, futhi uNkulunkulu uzokwenza khona impela Akwethembisile."

222 Indoda ehlezi lapha, ibheke kimi ngqo, ihlezi cishe umuntu wesibili, igqoke isudi ensundu, ikhathazwa inkathazo yamehlo. Angikwazi, uyisihambi kimi. Ungahle ungazi mina, angikwazi.

Lelo yiqiniso, akunjalo na? Omunye angahle athi, “Indoda ifake izibuko.” Lokho akusiyo inkathazo yayo, yinkathazo kulungile, kodwa iyindoda endala ngokwanele ukuba igqoke izibuko, isimila esweni layo. Kunjalo. Sisesweni lakho langakwesokudla. Kunjalo. Uyilungu lePhiladelphia Church. Yiqiniso lelo. Uyakholwa, futhi lesosimila sizolishiya iso lakho. Manje, uma lokho kuyiqiniso, okushiwo, phakamisa isandla sakho.

Uthinteni na? Lowo Ofanayo okwenza ukhale, futhi udumise uNkulunkulu, futhi umemeze. Niyabo? YiLokho-ke, Ofanayo.

223 Khona emuva ngqo emva kwakhe, ngokuthi lowomoya ophuphuthekisayo ubulapho, emuva ngqo emva kwakhe kukhona owesifazane ongibukayo, asibone, cishe owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, ohlezi phakathi lapho, unenkathazo yeso futhi. Uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakhe, into izomshiya. Kunjalo.

224 Inenekazi elihlezi khona emuva ngemuva lapho, futhi elinaleyonkathazo yesinye, uzokholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, ngenkathazo yesinye na? Lifake izibuko, ligqoke ingubo ebukeka iphinki. Yilokho-ke. Ngiyisihambi kuwe. Ngabe kunjalo, Nenekazi na? Uma lezozinto ziyiqiniso, phakamisa izandla zakho. Sekukushiyile, ukukholwa kwakho kukusindisile.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kuthiwani ngomunye okulesisikhala sezihlalo phakathi lapha na? Uyakholwa na? Yiba nokukholwa nje, yilokho kuphela ofanele ukwenze.

225 Lelinenekazi elihlezi khona lapha, elinezimbali esigqokweni salo, elihlezi emuva ngqo lapho linesifo samathambo, uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke . . . Yebo, wena, Nenekazi, yebo. Uhlobo lwezinwele ezimpunga, eligqoke ingubo emhlophe. Kulungile, wena, ukhombe umunwe wakho phansi. Kukushiyile. Ngiyisihambi kuwe, angikwazi, kodwa uKristu uyakwazi. Lokho bekunjalo, bekungenjalo na? Kulungile.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. UyaMkholwa manje na?

226 Leyondoda ehlezi le emuva lapho, anikuboni lokho kuKhanya phezu kwayo na? Ikhulekela othile, akusiyo, ikhulekela owesifazane othile, umkayo, unomfutho wegazi ophansi. Igama lakhe nguMnu. Mark. Yiba nokukholwa, Mnumzane. Angiyazi indoda, angikaze ngiyibone empilweni yami, uNkulunkulu uyazi ukuthi lokho kunjalo. Uma lokho kunjalo, Mnumzane, phakamisa isandla sakho. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kuzokwenziwa.

Uyakholwa na? Kuthiwani ngapha na? Kuthiwani ngabanye benu nonke na? Yiba nokukholwa.

227 Ngibona inenekazi eliyikhaladi lihlezi khona lapha phansi. Akulona ngempela okwalo, yebo, likhulekela umuntu othile elimlethile lapha, laya esibhedlela futhi lathola umuntu othile.

Yindoda ehlezi ekugcineni. Indoda ayazi ngempela ukuthi yini engalungile ngayo, kodwa uma uNkulunkulu engayiphulukisi izofanele ife. Uyilethile, isibhedlela lapha. Kunjalo. Okuthi ukulimaza ingqondo yayo. Kunjalo, yiqiniso.

228 Futhi wena, ukuthi uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu: ngiyisihambi kuwe, ingabe lokho kunjalo na? Uyisihambi nje, ungena lapha. Kulungile. Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, unokuthile ofuna kukhulekelwe, futhi. Lokho yisimila, futhi leso simila sisemlenzeni wakho wesokudla. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje kholwa.

229 Lelonenekazi eliyikhaladi elihlezi elingelesibili ukusuka kuye, lapho elifake isigqoko, lelonenekazi lihlushwa yisimo sokwethuka. Ngokushesha nje lapho ngisho lokho ngalo, lazile ngakho, futhi kukhulise ukukholwa kwalo. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho, Nenekazi. Uyakukholwa na?

230 Lowomlungu ohlezi emva ngqo kwendoda eyikhaladi lapho, ophakamise izandla zakhe. Ukhulekela umngane wakhe onomdlavuza, efa, futhi indoda ayikho lapha, futhi uyayikhulekela, uqale ukuyikhulekela ngokushesha nje lapho ngikusho lokho. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Kholwa, futhi uzobanakho okucelile.

231 Ningaphikelela na? UMoya oNgcwele udabule isakhiwo sonke, ukhombisa nina ukuthi Uyanithanda. Niyakholwa na? Niyaphikelela yini, nibe nesineke na? Bangaki okholwayo ngokuphulukiswa kwenu manje, ngenkathi uBukhona baKhe buselapha na? Lowo nguYe. Ubhodlozile wangena manje, siMfake ebukhoneni bethu. Phakamisani izandla zenu.

232 Nenekazi, wena ohlezi lapho nalezozinduku zokuqhugela ezibekwe ngaphansi lapho, uzisebenziselani na? Zilahle izinto, noma ziyeke zilale lapho, futhi uqhubeke futhi uye ekhaya. UJesu Kristu uyakuphilisa.

233 Uyakukholwa na? Ngibuka nje izinto zenzeka kuwe. Uyakholwa na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bekani izandla zenu nje phezu komunye nomunye manje, nonke. Manje, lapho senilungela ukuhamba, phumani lapho, phumani ezihlalweni zenu, yonke enye into, kholwani nje.

234 Angeke nibhobokele kulowomgoqo wokungakholwa na? Ukuminyana okungakanani—okungakanani esingaba yikho, bangane na? Aniboni ukuthi uJesu Kristu, ukhona lapha manje, usesenzele okuningi kulomhlangano kunalokho Akuloba eBhayibhelini ukuthi wake Wakwenza na? Niyakholwa na?

> Nkosi, ngiyakholwa, O Nkosi, ngiyakholwa,
> Konke kuyenzeka, O Nkosi, ngiyakholwa; (O, kukhona okwenzekile.)
> O Nkosi, ngiyakholwa, O Nkosi, ngiyakholwa,
> Konke kuyenzeka, O Nkosi, ngiyakholwa.

235 Noma ngabe ulapha noma akekho, angazi, kukhona owesifazane okhulekayo, unkosikazi womelusi, unesimo sezinso, igama lakhe nguNkk. Miguel. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke futhi ungaya ekhaya, uphiliswe.

Nkosi, ngiyakholwa,

Ungakhathazeki ngalesosimo sebandla, sizolungiseka futhi.

Nkosi, ngiyakholwa, (O, bantu!)
Zonke izinto ziyenzeka,

Niyakholwa manje? Ingabe niyaphikelela na? Sukumani.

. . . Ngiyakholwa;
O Nkosi, ngiyakholwa, O Nkosi, ngiyakholwa,
Konke kuyenzeka, O Nkosi, ngiyakholwa.

Ng'yaMthanda, ngi . . .

236 Bangaki ababiza ukuphulukiswa kwenu manje na? Phakamisani izandla zenu, nithi, "Into izongishiya. Nginokukholwa njengamanje. Kungishiyile, ngiyakukholwa."

. . . Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

237 Qiniso, ngokusuka ekujuleni kwenhliziyo yakho, uyakholwa njengoba nje kwenza lowo wesifazane omncane ongumGreki na? "Nkosi, ngiseBukhoneni baKho, ngemukela iZwi laKho lesithembiso enhliziyweni yami, futhi njengoba nje lowo wesifazane wayekholwa ukuthi indodakazi yakhe iyophila, ngiyakholwa ukuthi ngiphilile futhi sonke isicelo engisenzile, singesami manje." Uyakukholwa na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, ngikunika isandla sami sesithembiso, ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke. Futhi kusukela kulelihora kuqhubeke, ngizophikelela njengoba ngingabanjalo, ngiphulukisiwe. Ngemivimbo yaKhe nesithembiso saKhe, ukukholwa kwami kubamba iZwi likaNkulunkulu futhi ngiphulukisiwe." Uyakukholwa na?

Ukholo lwami lubheka kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
O Msindisi, oMkhulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho ngokuphelele!

238 Asikhothamise amakhanda ethu. Kusukela ekujuleni kwenhliziyo yakho, kusukela ebuntwini obungaphakathi impela owazi noma yini ngakho, wona kanye umphefumulo okulawulayo, wena ophakamise isandla sakho esikhashaneni esedlule, ngenkathi ngicela lokho kubizela e-altare, futhi ubufuna uKristu angene kuwe, ukukwenza ophikelelayo ngempela, umKristu *owazi ukuthi kunjalo*, manje uyakholwa

ukuthi unakho okucelile na? Uma ukholwa, phakamisela isandla sakho kuNkulunkulu. Kusosonke isakhiwo, bukani izandla, he!

239 Wonke umuntu obegula, futhi ngaphandle kokungabaza, njengomTopiya, noma, hhayi owesifazane ongumTopiya, kodwa owesifazane ongumSirofenike, owakholwa ngayo yonke inhliziyo yakhe ukuthi wayezothola indodakazi yakhe isiphilile, futhi wakwenza, kholwa ukuthi isifo, noma inkathazo, noma ngabe bekuyini ebingalungile ngawe, ukuthi eBukhoneni bukaKristu kulentambama njengoba Esibusisile ngokungena lapha nathi, uyakholwa ukuthi unokukholwa eZwini laKhe elithenjisiwe lobuYena kanye nathi, futhi "celani enikuthandayo niyakuphiwa," futhi ucelile, futhi uyasibona isibonakaliso saKhe, ukholwa ngokweqiniso ukuthi aKusona isivumokholo esithize, inkohliso ethile, okwehlelo okuthile, isanusi esithile, noma umbhuli othize, kodwa uyakholwa ukuthi NguMsindisi wakho, uJesu Kristu, esebenza kuwe futhi ekunika ukukholwa ukuba ukukholwe, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakwemukela, futhi ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke."

Libusisiwe igoda elibophayo
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yemiqondo efanayo
Injengalokho ngaPhezulu.

Phambi kwesihlalo sobukhosi sikaBaba wethu,
Sithulula umkhuleko wethu weminjunju;
Ukwesaba kwethu, amathemba ethu, imigomo yethu minye,
Ukunethezeka kwethu nezinkathazo zethu.

Nxa sehlukana ingxenye,
Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
Futhi sethemba ukuphinde sibonane.

240 Ngize nginibone, uNkulunkulu anenze niphikelele, thatha iZwi laKhe njengeThoshi, neNkemba esandleni sakho, futhi uvumele ukukholwa kuYisebenzise ngaleya, futhi kunqamule bonke ubumnyama kuwe, uze ubone uJesu ekugcwaleni kwezibusiso zaKhe. UNkulunkulu anibusise.

. . . bonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (size sibonane!)
Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

